

If you would like to learn more about the issues raised in this book, please visit www.kids.worldsstateless.org where you will find lots more information, stories, art, interviews, photographs, quizzes and other activities on statelessness around the world. This carefully constructed website also has many ideas on what you can do to raise awareness and help to fight statelessness, as well as a special guide for teachers who would like to teach their students about this issue.

This book is also available in Dutch, French and Spanish.

# Intombazane Elahlekelwe Izwe Layo



Ibhalwe ngu
Amal de Chickera Kanye no Deidre Brennan

Iboniswe ngu
Dian Pu

Yahunyushwa ngu
Bongiwe Ntinugwa

*Ishicilelwe Yisikhungo*
SE-INSTITUTE ON STATELESSNESS AND INCLUSION



Isikhungo sokungabi nobuzwe Kanye nokubalwa yinhlangano ezimele ezibophezele ekufezeni ilungelo lokuba yisizwe sabo bonke.

© Institute on Statelessness and Inclusion, May 2018
info@institutesi.org
www.institutesi.org

Ibhalwe ngu: Amal de Chickera Kanye noDeirdre Brennan
Iboniswe ngu: Dian Pu
Iklanyelwe ngu: Deshan Tennekoon
Yahunyushwa ngu: Bongiwe Ntinugwa
Ishicilelwe yisikhungo se: The Institute on Statelessness and Inclusion

Izithombe ezengeziwe: ekhasini 4, 25, 26 & 55 © SOS Villages Aboisso neUNHCR Cote d'Ivoire; Imidwebo ekhasini 77 © Kanchini Chandrasiri. Izit hombe ezingeziwe(zalinganiswa) ngaphansi kwelayisense iCC ngokukaHazize San,Vanessa Porter, Cheryl Marland, Jerome Bon, Rey Perezoso, Diyar Se.

Abantu abathathe izithombe emakhasini:17, 23, 52, 53, 55, 59 & 75 © G reg Constantine; izithombe kulamakhasi-31, 56 & 57 © Saiful Huq Omi;nesithombe ekhasini 21© Allison Petrozziello Kanye ne OBMICA; isithombe ekhasini 42 © Subin Mulmi neFWLD;isithombe ekhasini 83 © Deepti Gurung;nesithombe ekhasini- 39 © IKenya Human Rights Commission; nesithombe es 20 © Laura Quintana Soms; nezithombe ekhasini- 33 © Helen Brunt. ISBN: 978-90-828366-0-8

Wonke amalungelo agodliwe. Kayikho ingxenye yalolu shicilelo olungenziwa kabusha, igcinwe ohlelweni lokubuyisa ,oluhunyushwe noma oludluliswe nganoma iyiphi indlela noma ngayiphi indlela e-electronic, mechanical, neyokufothokhopha, ukuqopha noma ngenye indlela, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi mayelana nokungabibikho komhlaba Kanye nokufakwa Institute on Statelessness and Inclusion. Ngenkathi ababhali, abahleli Kanye nomshicileli bezamile ukuqinisekisa ukunemba kwalokhu kushicilelwa, umshicileli, ababhali nabahleli abakwazi ukwamukela umthwalo wamaphutha okushiyiweyo, okungaekho emthethweni, noma amaphutha futh abamukeli umthwalo wokusetshenziswa kolwazi olwethulwe kulo msebenzi.

Isikhungo se-Institute on Statelessness and Inclusion iyisesekelo esingenzi nzuzo (Stichting) esifakwe eNetherlands. Inombolo yokubhaliswa kwe Chamber of Commerce: 61443840.

# Okuqukethwe


| | |
|---|---|
| Uhambo Luka Neha | 07 |
| Umhlaba Wokuntul'ubuzwe | 46 |
| Imbuzo kaNeha | 48 |
| Imbuzo yezingane ezingenabuzwe | 60 |
| Yazi Amalungelo Akho! | 62 |
| Imidlinzo kaNeha | 71 |
| Siyakubona | 74 |
| Incwadi Yengane engenakubalwa | 78 |
| Ikusasa Lika Neha | 81 |
| Funda, Cabanga, Wenze, Khankasa, Dlala | 84 |
| Ukubonga | 86 |




# Izinkambo Zika Neha

Ngiyawa,

yawa,

yawa!

bhalakaxa

Ngikhefuzele

Kungani ngaso sonke isikhathi ngiwa bhalakaxa?

Ngaso sonke isikhathi!Ngiyazi iphupho, kodwa ngiphelelwa Umoya.

Ngizwa ngiphelelwa Umoya. Angiwavuli amehlo ami.

Ngizwa umjuluko obandayo umzimba wonke. Ngizwe ukuthamba okuz inzile ezihlathini zami. Kumanzi. Ngabe ngishiye iwindi livulekile?

Isandla sami siklwebha ishidi, kepha iwela ezihlamvini eziyisigidi bese ishelelela phakathi kweminwe yami. Ingabe sihlabathi sohlobo oluthile?

Isandla sihlangana emahlombe ami. "Vuka" kusho izwi elingajwayelekile.

Amaconsi emvula awela ebusweni bami nebhayisikili lidlule lihuza. Ngingaphandle. Yonke into ayijwayelekile futhi kubanda kancane. Angikaze ngibone la ngaphambilini.

Ngivale amehlo ami.Kusamela kube ngiyaphupha.

“Vuka!”. Izwi liphikelele.

Ngivula amehlo ami ngokuqapha.

Umfana omuhle futhi onezinwele, ungigqolozele. Kumele abe neminyaka eyishumi nambili njengami

Ubukeka emangele ngendlela engizizwa ngayo. Kodwa unemikhuba emihle. Uqonde ngqo wathi, “Wamukelekile eNetherlands! Ngingu **Lucas**.”

INETHERLAND IZWE ELISE -EUROPE FUTHI IGAMA LALO LINGAHUNYUSHWA NGOKUTHI “IZWE ELIPHANSI” NGENXA YOMHLABA OPHANSI FUTHI OQINISWE EZINYE IZINGXENYE ZENETHERLAND EMPELENI EZINGAPHANSI KWEZINGA LOLWANDLE!



Ngaphathwa ukuba buthakathaka, “Ngingu**Neha** wase**Nepal**”, Kulandelwa ukuthi “ngifike kanjani lapha?”

Ubukeka edidekile futhi wenyusa amahlombe akhe

Sisepaki elincane, ngaphesheya komgwaqo kusuka kulayini wezindlu. Ngigqolozele amehlo kubagibeli bamabhayisikili abaningi. Sihleke sobabili lapha indoda, ibheka ifoni yayo, ihamba endleleni ekhethekile yamabhayisikili nezinsimbi zamakhorasi kwamethusa. Agxume abuyele emuva njengexoxo.

Ekugcineni athi uLucas, “Woza, masingene ngaphakathi”. Ngiyajabula ukuphuma emvuleni. Seqe umgwaqo ,wangqongqoza kweminye yemizi. Intombazane yavula okungudadewabo, u**Linde.**

“Ungowase Nepal, futhi awazi ukuthi ufike kanjani lapha e**Netherlands?”**

Nginikine ikhanda.

Kuthuleke.

Ngibone ukuthi uLucas uyadideka, amashiya athambile agxile kanzima. Ngizizwe ngididekile kakhulu ukwenza noma yini noma ukucabanga kahle.

Ekugcineni aqonde futhi athi “Ngicabanga ukuthi ngiyazi ukuthi yini ekulethe lapha! Kungenzeka ungangikholwa nokho ‘. Ngiyaqagela ubuso bami buyakhuluma, “Ngizame”! Afake isandla sakhe ekhukhwini akhiphe uhlamvu lwemali. “Qaphela lokhu ?” Yizinhlamvu ezimbili **iRupee** zase**Nepal**.



IRUPEE UHLOBO “LWEMALI” ESETSHENZISWA ENEPAL NAKWAMANYE AMAZWE ASENINGIZIMU ASIA NE-INDIA KANYE NESRI LANKA

“Ngingumqoqi wemali…, Ngiqoqa imali” u**Lucas** engingiza. “Ngiyakuthanda ukuhamba, ezinye zezinhlamvu zezimali zami zivela kwezinye zezindawo ezimangazayo engike ngabakuzo noma engizozihambela.



Bengifuna ukuya eNepal**,** ukuyogibela **iHimalayas** ngibone **iYeti!**"

"Manje nansi ingxenye engasile. Bengifuna ukuya lapho kabi, kangangokuthi ngithathe le mali ngayibeka entendeni yesandla sami futhi ngifisa kakhulu ngempela ukubona iNepal. Manje soze ukholwe, kodwa uma ngivula amehlo ami, qhamu, wavela".

"Ngiyazi kuzwakala sakuhlanya, angithi?"

Angazi ngithini. Indaba yakhe ayizwakali njengokuhlanya. Kodwa -ke kwenzeke kanjani ukuthi ngigcine sengiseNetherlands, kude kangaka nasekhaya? ULucas ube esesho into ehlakaniphile kakhulu. "ugogo wami wayengitshela njalo ukuthi uma kwenzeka isehlakalo esingalindelekile, kusuke kungenxa yesizathu,esihle .Ngangifuna ukuhamba noma ngifeze isifiso sami ngamasenti wami. Kepha -ke uhlamvu lwami lwemali lukulethe lapha esikhundleni salokho. Ngakho- ke mhlawumbe udinga ukuhamba ngaphezu kwami!"

IZINTABA EZIPHAKAME KUNAZO ZONKE EMHLABENI YIHIMALAYA.ZISE- INDIA, NEPAL,BHUTAN,CHINA,NASEPAKISTAN. INTABA EPHAKEME KAKHULU KUNAZO ZONKE EMHLABENI IMOUNT EVEREST ZISENEPAL NASETIBET I"YETI ''NOMA ' UMUNTU WEQHWA ONESINYAMA YISIDALWA ESISUSELWA EZINGANEKWANENI ESIHLALA KUMAHIMALAYA ,BATHI UFANA NENKAWU KODWA MKHULU,



Ingabe ngiyakudinga ukuhamba?
Nginethezekile ekhaya eNepal.
Noma Ngiyazikhohlisa?
Konke kubuyela kimi manje…

Ngangisesikoleni nomama kanye nodadewethu omdala uNikita. Umama waye phatheke kabi impela, elokhu etshela uthisha ukuthi uNikita nami singamaNepali, sazalelwa khona futhi asikaze siphumele ngaphandle kwezwe. Kodwa othisha babevele banikiwe amakhanda. Unkosazana Bhattarai wayengalokothi abheke ngqo umama ezinhlamvini zamehlo wayebheka phansi athi,”ngiyaxolisa Didi, kodwa uNikita akasoze ahlalele izivivinyo ngaphandle ngokukhombisa ubufakazi bobuzwe bakhe.”

**‘UDIDI’ IGAMA LOKUNANDISA ELISETSHENZISWA UKUBIZA OWESIFAZANE NGOMUNYE ‘OMDALA ENEPAL’**



Ukubona umama ekulesi simo, Ngangizizwa ngingenamandla okusiza. Umqondo wami wavele waya ngokushesha kwezinye izinkathi engike ngambona enganeme kanje. Kwakuke kube nezinkathi lapho ekhuluma nendoda edelelayo esebenza ehhovisi lika Hulumeni, ezame ukuzithoba, ukuthula ngenkathi echaza ukuthi ubaba wami wayengekho lapho. Noma ngenkathi ijaji lase nkantolo limbuza umbuzo ongajwayelikile mayelana nokuziphatha, angawuphendulanga.

Umama wami usithanda ngaphezu kwalokho ebengicabanga kungenzeka. Usenzela konke. Angikwazanga ukubekezelela ukumbona enje. Futhi okubi kakhulu, angikwazanga ukubekezelela nokucabanga ukuthi konke lokhu kwenzeka ngenxa yethu.

Izinto zafiphala futhi ngazizwa nginesiyezi. Kwaba nomsindo okhalayo obukhali ezindlebeni zami. Ngangibona abantu benyakazisa izindebe zabo kodwa ngingabezwa ukuthi bathini.

Imilenze yami yaxega futhi nezinkophe zami zavaleka.

Into yokugcina engayibona kwakuyizinyawo zikamama.

Ngitshele uLucas ukuthi kwenzekeni. Inkumbulo yami yokugcina evela eNepal. Ngamtshela yonke imibuzo eyayizungeza ekhanda lami ngaleso sikhathi. “Kungani uNikitha engezukubhala izivivinyo zakhe? Ngeke nami ngivunyelwe? Yingakho umama ubethukuthela kangaka? Yini ubuzwe?

Ingakho wonke umuntu kufanele abe nabo?”

Abambe ibunzi lakhe ngendlela ejwayelekile.Ngizizwa sengathi ngimazi isikhathi eside kakhulu kule mizuzwana embalwa!

"Ngicabanga ukuthi ubuzwe imvelaphi yakho, nokuthi uvelaphi. Isibonelo uma ngabe wazalelwa eGermany imvelaphi yakho iGerman.Ngicabanga ukuthi wonke umuntu unobuzwe, ngoba wonke umuntu unendawo asuka kuyo".

ULinde, obekade ethule elalele konke lokhu, angenelele: "hmm, ubuzwe ulimi olukhulumayo. Ngikhuluma ulimi lwama Dutch, ngakho ngikhuluma isiDutch, ngiyazazi ngingowase Netherlands. Nginekhadi lebhasi ukungiyisa ekhaya nasesikoleni elinegama lami.Lokho kufakazela ukuthi nginobuzwe baseDutch".

Lokho kungenza ngicabange.

Ngiyazi ngingowase Nepal, Ngikhuluma isiNepali, ngakho kumele ngibe nobuzwe baseNepali. Kodwa ngiyazi umama unobunzima bokukhombisa ubuzwe bethu.Futhi asinawo amakhadi ebhasi eNepal!

"Nazo -ke! Inhloso yakho ukuthola ubuzwe bakho!"

ULucas agijimele endlini yakhe abuye nesikhwama sakhe esincane. "Ngigcina izinhlamvu zezimali zami eziyigugu kakhulu" athi. "Zithathe. Ngicabanga ukuthi loluhlamvu lwakho lwemali likulethe ngesizathu. Ngicabanga, ukuthi izinhlamvu zemali zizokusa ezindaweni, ukuze uzohlangana nabantu abasha ufunde futhi nangobuzwe. Thatha uhlamvu lwemali, ulikhame ngqi, uvale amehlo bese wenza isifiso. Ngicabanga ukuthi uhlamvu lwemali luzokuthatha lukubuyisele ezweni lakho. Thola kabanzi ngezobuzwe. Ube nengqayizivele nethuba lokufunda uvundulule okusha.



Futhi khumbula ukusazisa sonke ngabo!”

ULinde, abeseshaya isikhwama sakhe sesikole akhiphe incwadi yokubhalela. “Nazo-ke Neha! Ungabhala konke okuvundululile nangezimpendulo zemibuzo yakho kule ncwadi!”

**Kulungile ngakho-ke ubuzwe bubukeka bukhona lapho buvela khona nokuthi ukhuluma luphi ulimi. Kubukeka sengathi wonke umuntu unobuzwe. Kepha uma kuliqiniso lokhu, kungani udadewethu enezinkinga?**


UMBUZO WOKUQALA

YINI UBUZWE? INGABE WONKE UMUNTU UTHOLA UBUZWE LAPHO EZALELWA KHONA?

Ngibonga kakhulu. bahle kakhulu. Ngibabonge ngibange. ngithatha incwadi engizobhala kuyo nezinhlamvu zemali, “Ngivale amehlo, ngikhiphe uhlamvu lwemali olungahleliwe, ngilubambe ngqi esifubeni sami bese ngenza isifiso”.

Kunomoya omnandi, kodwa mfanakithi kuyashisa! Ngizwa nenyoni icula hhayi angingathi iyacula, Kufana nokumemeza noma ukukhala, “tshwi-tshwi, tshwi-tshwi”. Ngiqaqe isibhakela sami ngibone ishumi lamaRupees. Kepha lokhu akuyona **iNepal.** Kunezilimi eziqoshwe kuhlamvu lwemali engingazifunda. Ngiphendula uhlamvu lwemali ngibone ukuthi ngise**Sri Lanka.**

ISRI LANKA ISIQHINGI ESIHLE ESISENINGIZIMU NE-ASIA, KWEZINYE IZINKATHI IBIZWA NGE PEARL YE-INDIAN OCEAN. ISRI LANKA YAKE YABUSWA YIPORTUGAL NENETHERLANDS KANYE NEBRITHANI.EKUGCINENI YATHOLA INKULULEKO NGO-1948,NGAPHEZU KWEZIGIDI EZINGA-20 ZABANTU EZIVELA KUZINHLANGA EZAHLUKEHLUKENE NEZINKOLO EZIHLALA KULELI ZWEKAZI.



Bese ngilubona.

Ulwandle!

Angikaze ngalubona ulwandle ngaphambilini. Lubanzi futhi, lulokhu lunyakaza kepha aluyindawo.

Ngididekile.

Amantombazane amabili agxume phambi kwami aphazamise ukubuka kwami. Bangodade. UKenolee uneminyaka eyisishiyagalolunye kanti uKithmi eyishumi. Sihambe siyohlala esihlabathini esisogwini nolwandle.

Izakhiwo zase**Colombo** – okuyinhlokodolobha- zisemuva kwethu.

Ngibatshele indaba yami. UKithmi acab ange isikhathi eside uma ngimbuza "Yini ubuzwe". Wase ethi "Ubuzwe izinhlobo ezihlukene zamasiko nemikhuba kanye nezinkolo zabantu emhlabeni jikelele." uKenolee angenelele, "hhayi loko kuphela **Akki.** Kuchaza ukuthi une… kunjengendawo. Sengathi izwe owazalelwa kulo, nemithetho oyilandelayo. njengobuzwe bami bobuSri Lankan, ngakho kumele ngilandele imithetho. Yebo. Kumele kube kanjalo."

UKUTHI AKKI KUCHAZA UKUTHI 'SIS OMDALA' NGESINHALESE

UKenolee uqhubeka nokuthi uyazi ukuthi yena unobuzwe baseSri Lanka "Ngoba watshelwa ukuthi unabo. Kodwa futhi ungazizwa ukuthi unobuzwe buphi. Njengomdlandla umzimba wakho okunika wona. Isibonelo, ungazizwa ungumSri Lankan, noma uyiNgisi, noma unguMelikana… ngomdlandla owunikwa umzimba wakho. Ooh, futhi, nebala lesikhumba sakho."

Ngicabanga ngalokhu. Ngitshele uKithmi noKenolee ngokuthi ngiyayizwa iNepali, ukuthi ngiyinxenge yesiko kokunye "nginomfutho" ngayo. Ngibukeka njengabo abantu baseNepali angiqondi ukuba kungani umama wami angakuvumeli ukuthi singamaNepali. UKithmi anyuse amahlombe akhe. Athi "Abadala bangakuxaka". Ngihleke ngokuvumelana, Kodwa ngicabanga uyakubona ukudabuka kwami. Angange athi, "wonke umuntu kumele abe nobuzwe, Wonk'umuntu unelakubo."

YIMIPHI EMINYE YEMITHETHO EZWENI LENU?(LOKHO NAKHO KUBIZWA NGEMITHETHO)



Sixoxa isikhashana bese sidlala ngokubambana olwandle. Ngibe sengibatshela ngokudabuka ukuthi kufanele ngihambe. UKithmi athi angime umzuzwana. Agijimele esikhwameni sakhe esimnyama ajike nentwana encane. Athi "Lena ikhamera yami yokuhamba". "Ungathwebula izithombe eziyishuminambili ngayo. Yisebenzise ngobuhlakani!"

## UMBUZO WESIBIILI

**INGABE WONKE UMUNTU UTHOLA UBUZWE UMA ELANDELA, ISIKO NOMKHUBA NEMITHETHO YEZWE APHILA KULO?**

Ngisesigcawini esihle kakhulu esisedolobheni. Sengathi kubonakala izichuse yonke indawo. Mhlawumbe ngaphezulu kunabantu! Bonke babonakala bengamadoda amakhulu anemisipha agibele amahhashi noma alwa ngezinkemba. Angikaze ngikubone okunje.

Uhlamvu lwemali enginalo esandleni sami lusho okuthile ngolimi nangombhalo engingawuqondi. Angizazi ukuthi ngikuphi!Ilanga likhipha umkhovu etsheni futhi ngidonsekele emthonjeni omkhulu wamanzi ngaphakathi kwesikwele.

Kunensika ende kakhulu phakathi komthombo naphezu kwayo, kunesithombe sendoda egibele ihhashi. Ohlezi odongeni lomthombo owesifazane omfishane.

Ubukeka elingana nomama futhi ugqoke isikhafu esimbalabala ebusweni bakhe njengoba kuyaye kwenze umama uma sihamba amabanga amade ehlathini eliseduze kwendlu yakithi. "u**T'aves baxtalo"** usho ngokumamatheka okubanzi. Ngibone amazinyo aphumile. "Wamukelekile Skopje, eMacedonia.Ngikhumbule ngifunda ngeMacedonia, ezifundweni zami zemilando. Akukhona lapho u-Alexander the Great ayevela khona?

**UKUTHI 'T'AVES BAXTALO' KUCHAZA UKUTHI 'WAMUKELEKILE' NGOLIMI LWESIROMA UNGALICWANINGA IGAMA LOKWAMUKELWA NGEZINYE IZILIMI EZINHLANU**



Mhlawumbe yingakho kunezichuse eziningi kangaka!

uKezia wazethula kimi, ungitshela ukuthi ungowesifazane waseRomania, futhi unezingane eziyisikhombisa,amadodana amathathu namadodakazi amane. Usehlale e**Macedonia** impilo yakhe yonke kepha ubehlala eSkopje, kunhlokodolobha, kuleminyaka eyishumi eyedlule.Abantu abangamaRoma bangabanye bohlanga oludala kakhulu kuzwekazi lase-Europe engilandisa. Babhekana nobunzima obuningi empilweni abantu bangabahlukumeza kakhulu futhi babahlulele. Lokhu kungikhumbuza abantu baseNepal abaphathwa kabi. Ngathi bangama - **Dalits.**

UKezia unomusa kakhulu. Mhlawumbe kungenxa yokuthi uyazi



ukuthi kunjani lapho abantu bengenamusa kuye.Uthi naye unenkinga yokufakazela'ukuthi yena nomndeni wakhe bavela ezweni abazalelwa kulo.

"Ngaphandle kwendodakazi yami encane, azikho izingane zami ezibhalisiwe. Nginezingane eziyisithupha ezingabhalisiwe ngokusemthethweni.Ngizale indodakazi yami encane esibhedlela,Yingakho yena ebhalisiwe. Ngabelethela abanye ekhaya, yingakho bengabhaliswanga"

"Uma enye yezingane zami igula noma izwa ubuhlungu, ngihlala ngincenga odokotela esibhedlela ukuthi babalaphe mahhala, ngoba anginayo imali yokukhokha. Ngicabanga ukuthi ukube izingane zami zinezitifiketi zokuzalwa bangasiphatha kangcono kakhulu."

UKezia uthi **ukubhaliswa kokuzalwa** kubalulekile ukukhombisa ukuthi izingane zakhe zazalelwa e**Macedonia.**

ABANTU ABANGAMADALIT BABUKELWA NJENGABANTU ABAPHANSI.UHLELO LWEZIGABA LUYINDLELA ABANTU ABAMAKA NGAYO UMEHLUKO PHAKATHI KWAMAQEMBU AHLUKEHLUKENE'EZINSUKWINI ZAKUDALA ICASTE YAKHO IBISUSELWA EMSEBENZINI OWENZILE.KEPHA MANJE ,KUVAME UKUSETSHENZISELWA UKUPHATHA ABANYE ABANTU NJENGABABALULEKILE KAKHULU,KANTI ABANYE NJENGABANGEKHO NGAPHANSI.IGAMA ELITHI 'DALIT'LISHO UKUCINDEZELWA NGOLIMI LWASENDULO LWESISANSKRIT. ABANTU ABANINGI BASEDALIT BASAPHATHWA KABI,YIZE LOKHO KUPHAMBENE NOMTHETHO.

IDLANZANA LOBUHLANGA LEQEMBU LABANTU ELINOKUHLUKA OKUTHILE KUBANTU ABAKHULU,LOKHU KUNGABA ELIHLUKILE ,ELIYISIKO LENKOLO,ULIMI,INDAWO YOKUDABUKA NOMA UMBALA WESIKHUMBA.KWESINYE ISIKHATHI ABAMBALWA BAPHATHWA KABI NGAPHANDLE KWESIZATHU

WAZALWA NINI FUTHI KUPHI?KWABHALISWA UKUZALW KWAKHO?UYAZI UKUTHI KUPHI FUTHI KWENZEKA KANJANI?BUZA UMZALI WAKHO NOMA UMNAKEKELI WAKHO AKUKHOMBISE ISITIFIKETI SAKHO SOKUZALWA. SIBUKEKA KANJANI NOKUTHI YINI OKUBHALWE KUSO?



Uma izingane zakhe zikhula ngaphandle kokubhaliswa kokuzalwa kungenzeka zingabutholi ubuzwe base**Macedonia.** Ungitshela ukuthi kunezigidi zezingane emhlabeni wonke ezingakwazi ukuthola ubuzwe. “Lapho lingekho izwe elizokwamukela ingane njengesizwe sayo, lapho-ke leyo ngane iyontula ubuzwe.”

Ngizizwa nginesiyezi esincane, uma kubizwa igama, ukuntul’ubuzwe emqondweni wami. Ngabe mina noNikitha asinabuzwe?

Asinabuzwe

Ngaphansi kombuso?

Ngaphandle kwezwe?

Kungenzeka yini lokhu?

UKezia uchaza ukuthi kungani engakaze abe nobuzwe baseMacedonia. “Umama wami kazange abe nemali yokukhokhela isibhedlela uma ngizalwa ngakho-ke isibhedlela asimnikanga amaphepha aqinisekisa ukuzalwa kwami. Ukuzalwa kwami akuzange kubhaliswe ngokusemthethweni. Mhlawumbe wayengalwela ubuzwe bami emahhovisi kaHulumeni- Ngifisa sengathi ngabe wayeyifunile. Kepha ubengakwazi ukufunda nokubhala nokuya kulezo zindawo, ezigcwele abantu abanobuso obunzima nezingubo ezibizayo kwakumesabisa umama. Ngiyakuqonda lokho manje nami angikaze ngibe nethuba lokuya esikoleni futhi anginakho ukuzethemba nokufuna amalungelo ami kubantu abafundile nabanamandla kunami”

Ungitshela ukuthi abazali bami badlulisa izindlela zokupheka zomndeni eziyimfihlo ezinganeni zabo noma babanike imali noma indlu yokuhlala, Kodwa konke akudlulise ezinganeni zakhe ikusasa elingaqinisekisiwe.“Izingane zami zizodla ifa lokuswela izwe. Angikwazi ukuthola umsebenzi ngoba anginawo umazisi. Ngiqoqa amabhodlela epulastiki namakhathoni ukwenza imali. Ngifuna izingane zami zithole ubuzwe futhi ziphile impilo engcono kunami.”

Ngizwa isigaxa emphinjeni wami njengoba uKezia ekhuluma. Kukhona nezinyembezi amehlweni akhe. Ukhipha isithombe esikhwameni ukukhombisa izingane zakhe ezinhle.

Ngithathe isithombe sezinye sezithombe zakhe,Kungamadodana akhe amabili agqolozele ikhamera. Zibukeka zipholile, futhi zinezihlashana,



Ngicabanga uma ngingababona njena ngingabathanda

Emva kwesikhathi, ilanga liqale ukushona. Siyangana futhi sivalelisane. Ungifiselokuhle. Ngithi ngizogcina umndeni wakhe enhliziyweni yami. Ngizwe isisu sami sehla njengoba singihwaya, ngicabanga ukuthi ngingumuntu ontul'ubuzwe. Ngicabanga ukuthi ukuzalwa kwami kwabhaliswa, futhi ngiyazibuza nokuthi ukubhaliswa kokuzalwa kwanele yini ukufakazela lapho engingowakhona.

~

Ubuso obuhle obunomusa obufudumele bubheke phansi kimi. Ngifunda ukuthi kungokuka Rosa, futhi ngise**Dominican Republic.** Esandleni sami kukhona uhlamvu lwemali olulodwa lwe**Peso**. Sihleli ezihlalweni ezimhlophe

UMBUZO WESITHATHU

NGABE ISITIFIKETI SAKHO SOKUZALWA ESIKUNIKA UBUZWE?

ISIQHINGI SASE HISPANIOLA SABIWE AMAZWE AMABILI:IDOMINICAN REPUBLIC KANYE NEHAITI.SITHOLAKALA ECARIBEAN PHAKATHI KWENYAKATHO NENINGIZIMU AMELIKA .SUKELA NGO 1930 ABANTU BASEHAITI BAKHUTHAZWA UKUWELA UMNGCELE UKUZE BAYOSEBENZA EDOMINICAN REPUBLIC BASIKE UMOBA




zepulastiki ngaphansi komthunzi wesihlahla.

Eduze kwami kukhona amantombazana amathathu. URosa ungitshela ukuthi ayishumi, ayisishiyagalombili futhi mathathu. Badlala ngesihlilingi ndawonye (Umdlalo lapho ugxuma khona ngokubala uvale izihlilingi ezimbili ezizungeze umuthi).

Ngimtshela udaba lwami, nokuthi futhi nginovalo kanjani lokuthi anginakubalwa, angina buzwe. URosa ufinyelela kimi futhi ucindezela amadolo ami amabili ngothando. "Neha, wamukelekile kakhulu sthandwa sami. Ngithanda ukukuxoxela le ndaba yethu. Mhlawumbe ngokuzayo uzoyitshela omunye umuntu. Ngizojabula lapho abantu abaningi bazingathi, esenziwe saba abantulayo."

URosa ungitshela ukuthi wayevame ukuba nobuzwe be**Dominican Republic** kodwa kwathathwa kuye eminyakeni embalwa edlule. "Yebo sthandwa, abanye abantu bazalwa bengenabuzwe futhi bazozama yonke impilo yabo ukuthola ubuzwe, kodwa kwabanye abafana nathi bathathwa kithi.

Uyabona,uhulumeni wenza umthetho omusha ngonyaka wezi- 2013 wokuthi izingane nabazukulu bokufika abavela eHaiti, abangakwazi



ukukhombisa amaphepha athile ngeke babe izakhamuzi zaseDominican Republic. Umthetho omdala, ongcono, kwakunokuthi noma ngubani owazalelwa eDominican Repulic abe nobuzwe base Domimican.Ngakho-ke lolu shintsho lwaludida kakhulu futhi lungalungile."

UMUNTU WOKUFIKA NGUMUNTU OTHUTHELE KWELINYE IZWE UKUYOHLALA KHONA

"Ubaba wami wathuthela eDominican Republic esuka eHaiti eneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye. Wayesebenzela emasimini, egawula umoba. Usebenze kanzima futhi wazizamela impilo entsha. Uhlangane nomama emdansweni wamushada. Wayeyindoda enhle enakekelayo owayesebenza kanzima ukuqinisekisa ukuthi sinezincwadi zesikole nokuthi sinemfundo angayitholanga yena. Inhliziyo yakhe ibingaphuka Ukube ubesaphila namuhla futhi azi nabazukulu bakhe ukuthi abasamukelwe lapha indawo ayithatha njengekhaya angazizwa egula ekwazi ukuthi ngaphandle kobuzwe abazukulu bakhe abasakwazi ukuya esikoleni.Angivunyelwanga ngisho nokubhalisa ukuzalwa kwendodakazi yami encane!Ngesikhathi ngimzala esibhedlela babengeke banginike isitifiketi sokuzalwa. Izolo, othile utshele indodakazi yami endala ukuthi "Iya ekhaya" esebhasini. Amehlo ami agcwala izinyembezi lapho engibuza 'Mama, kungani bengasifuni? Senzeni? Asezanga lutho olubi kodwa kuningi ukucwasa nokubandlulula lapha eDominican Republic, abantu okhokho babo abavela eHaiti babephathwa kabi. Bathi sinesikhumba esimnyama futhi siyahlupheka futhi singcolile futhi asibona ababo. Kubuhlungu kakhulu. Impilo yami yonke bengingumDominican. Yilokhu engiyikho. Angikaze ngiye naseHaiti."

UKUBANDLULULA ,UKUPHATHA UMUNTU NGOKUNGAFANELE NGOBA UCABANGA UKUTHI BAHLUKILE NGANDLELA THILE.AKULUNGILE UKUCWASA ABANYE NGOBA BEMBALWA,NOMA BEKHUBAZEKILE NOMA



"Uzokwenzani?" Ngibuza uRosa. Athi ukuthula kancane, amehlo akhe ansundu acwebezele. Ubuka izingane zakhe ezidlala ndawonye futhi zigigitheka, bese amamatheka ngokuziqhenya "Sizolwela ubuzwe bethu sthandwa. Kade senza amafilimu nemidlalo yokuqwashisa ngalo mthetho omubi nokuthi kunjani ukuphila ngaphandle kobuzwe.

Ukuba nobuzwe yilungelo lethu, futhi sizoqhubeka nokubhikisha emgwaqeni kuze kuzwakale amazwi ethu futhi sibuyelwe ubuzwe bethu."

Ungowesifazane onesibindi, ohlakaniphile. Ngithatha isithombe sezingane zakhe, esezijoyinwe ezinye izingane manje. Zonke zikhethekile kakhulu. Ngibe sengihlanganyela nezingane ngidlala nazo. uRosa usinikeza amanzi amasha kakhukhunathi ukuze siwaphuze, kodwa awathinti izindebe zami njengoba ngiwakhiphela phansi ekushiseni okushisayo.
Ngaphambi kokuba ngihambe, indodakazi kaRosa uTalia inginikeza umdwebo omuhle ephepheni elibomvana (Ungayibona ekhasini elilandelayo).




Kuchaza uRosa. Ngakwesokunxele, UTalia ukhombisa indlela azizwa ngayo: “Uma ngingenaso isitifiketi sokuzalwa kanti udadewethu noma umama wami bayokwenza imisebenzi yokuzama ukuthola amaphepha kodwa bangaveli bavele. Ngizwa ubuhlungu. Uma ngingenaso isitifiketi sami sokuzalwa ngeke ngikwazi ukufunda.”




Ngakwesokudla, uzidwebe ukuthi “Uyindlovukazi Yeshwa” eceleni kombhalo “lapho nginakho ngizozizwa ngijabule ngoba ngizokwazi ukuqeda isikole sami.” Esingasasebenzisi amaFranc kodwa esesisebenzisa ama-Euros. Kodwa imali yase Cote d’Ivoire Ngithukuthele ukuthi izingane ezincane emhlabeni wonke njengoTalia zibhekana nezimo ezinjalo. AkusinguNikita nami kuphela. Nginomuzwa wokuthi kumele ngifunde kabanzi futhi ngenze okuthile ukwenza impilo yabo ibe ngcono!

**Abantu bangalahlekelwa ubuzwe babo. Lokho kuzwakala kuwumsangano! Amadodakazi kaRosa ayeya esikoleni nsuku zonke kuze kube ngalolusuku olulodwa okuthathwe konke kubo. Lokho kungenze ngicabange…**

Ngisesivandeni esikhulu. Kunezihlahla eziningi futhi umhlabathi wakhona ubumbekile, obunye utshani

**UMBUZO WESINE**

**HLOBO LUNI LWEZINTO IZINGANE EZINGENABO UBUZWE EZINGAKWAZI UKUZENZA?**

## UMBUZO WESIHLANU

**KUNGANI ABANTU ABANOBUZWE KWESINYE ISIKHATHI BELAHLEKELWA YIBO?**

bunenhlabathi eningi. Kusobala ukuthi yinsimu eyenza imisebenzi eminingi! Ngibheka imali esandleni sami ithi amafranc ayishumi. Kodwa angikho eFrance. Empeleni, iFrance ayisasebenzisi amafranc isisebenzisa ama-Euro. Kodwa imali yase **Cote d'Ivoire**, eyayiphethwe izwe lase France **isabizwa**, amaFranc.

Nginobungani nentombazane okuthiwa uGrace. Unesikhumba esimnyama, unenhlobo yekhala enhle nezinwele zakhe zilukwe amagoda.

"Sawubona Neha, wamukelekile emazweni ezingane zaseSOS, wamukelekile ekhaya."

Ungazela emagcekeni endlu yezintandane. Izihlahla zesundu zinamachashazi azungeze umhlaba, futhi izindlu ezincane zihlala phezu kotshani obuluhlaza obuqhakazile. Izingane ezimbili ezigijimayo zidlula ngathi ziyajahana ngabona iqembu lezingane nowesifazane behleli etafuleni kumpheme wendlu. Ngicabanga ukuthi benza umsebenzi wesikole.

"Angazi ukuthi bangobani abazali bami, Ngivelaphi noma ngazalelwa kuphi. Ngicabanga ukuthi abazali bami bangilahlekela ngenkathi ngizalwa, futhi umuntu othile wangiletha lapha. Ngicabanga ukuthi ngineminyaka eyishuminambili ubudala, kodwa  anginasiqiniseko."



ICOTE D'IVOIRE YAKE YABA IKOLONI LASEFRANCE. IKHOLONI YIZWE ELAHLASELWA FUTHI LABUSWA ELINYE IZWE. NGENKATHI BENGAPHANSI KOMBUSO WASEFRANCE. ABANYE BAHLALA ECOTE D'IVOIRE UKUZOSEBENZA EMASIMINI.NGEMUVA KOKUTHI ICOTE D'IVOIRE IBE IZWE ELIZIMELE NGO-1960,ININGI LALABANTU ABADABUKA EBURKINA FASO,KANYE NENZALO YABO,BAQHUBEKA NOKUHLALA LAPHO

Ngicabanga ukuthi uGrace muhle, ngimthatha isithombe:
uGrace ungichazela ukuthi   eCote d'Ivoire kunzima kakhulu ukuthola ubuzwe ngaphandle kwamaphepha abazali bakho. "Abase- Ivory Coast kumele banikeze isitifiketi sabo sokuzalwa, Kanye nesitifiketi sobuzwe somzali.Mina noNeha asikwazi ukufakazela ukuthi abazali bebase Ivory. Bangibiza ngomtholwa futhi ngizwe abanye abantu abadala bethi anginabuzwe"

"Uma, ngolunye usuku, ngingakwazanga ukuya esikoleni, Ngiphatheka kabi". Abakwazi ukwenza izinto eziningi njengokusebenza noma ukuvula ama-akhawunti asebhange

AMA FOUNDLINGS YIZINGANE ABAZALI BAZO ABANGAZIWA.BATHOLWE OMUNYE UMUNTU

abakwazi ukuba ngabanikazi bomhlaba nokuhamba ngokukhululeka ngaphakathi ezweni . “Iphupho lami ukuhamba amazwe esho”. “Ngithanda ukuhlola inhlokodolobha yase-Abidjan, futhi ngibone amanye amazwe. Ngifuna ukuba ungqongqoshe wezezimali. Ngithanda ukuba ngowesifazane onamandla osiza abanye. Lokho kuyongijabulisa.”

**Lokhu kungenza ngicabange. Kungifanele yini. Kube lula ukuthi amazwe amukele izingane njengesizwe zazo, noma ngabe azinazo izitifiketi zokuzalwa. Kuwubulima kanjani nje ukusho ukuthi awuyena owalapha ngoba nje awunaso isicucu sephepha? Ingabe lamazwe alindele ukuthi lezi zingane ziye kuphi? Ngabe zilindeleke ukuthi zenzeni?**

UMBUZO WESITHUPHA

KUNGANI AMAZWE ANGEKE AQINISEKISE UKUTHI ZONKE IZINGANE ZITHOLE UBUZWE NAKUBA ZINGAKWAZI UKUTHI ZAZALELWAPHI NOKUTHI OBANI ABAZALI BAZO.

Mina noGrace sihlala nezingane engizibone ekuqaleni, zisasebenza etafuleni. UMalik, omunye wabafana unginika iphepha adweba kulo. Ubuso bakhe buthambile kepha unesibazi esijulile esimise okwembewu ngaphansi kweso lakhe okungenza ngizibuze ukuthi impilo yakhe ibikade injani. Ephepheni lakhe kunomdwebo wabantu ababambe ulayini ukuze babhalisele ikhadi lobuzwe. Ngisithanda kakhulu isithombe sakhe. Ngiphinde ngithathe izithombe zeminye imidwebo emihle impela ezinye izingane eziyidwebile.

uMalik ungitshela ukuthi naye akazi ukuthi bangobani abazali bakhe. Futhi akababakhumbuli. Akakwazi ukuthola yinoma uliphi uhlobo lukamazisi ngaphandle lukababa noma umama.

Ngithatha ipheshana namanye amakhrayoni bese ngiyangenelela …

Mina noGrace siqeda usuku silele ngapha nangapha sishwibeka emgodini omdala. Sidla izingcezu zikalamula futhi sihlolana imidwebo yethu. Ngiyaxolisa ngokushiya ibala lopende emunweni yami enamathelayo emdwebeni wakhe. Isithombe sikaGrace sinamachashaza amaningi kuso. Ugcinisa isandla sakhe ekhasini lami angichazele ukuthi kusho ukuthini kuye.

“Mhlawumbe ingane eyodwa ngaphandle kobuzwe ilungile, mhlawumbe ithole umndeni ozoyamukela futhi ongathola ubuzwe kubo. Inkulungwane nezinkulungwane zezingane ezilahlekile zaseCote d’Ivoire. Le ndawo ikhaya

lami, ikhaya lethu.

Ngi … asikaze sazi enye indawo, futhi ngifuna basamukela njengezingane zabo. Ngizobuyisa okuningi kulelizwe uma ngithola ithuba, uma ngingavele ngiye esikoleni,ngithole umsebenzi . Sonke besizokwenza okuningi, ngiyazi ukuthi besiyokwenza."

Silala ngaphansi kwezinkanyezi.

Ngiphaphama endleleni ekhanyayo.



Kunuka kabi. Kunezimpukane zizungeza udoti. Kusekuseni. Kuyabanda kodwa ngibona sengathi kuzofudumala kungekudala.  Lapho sengijwayele ukukhanya nendawo engizungezile, ngibona ingane encane ezacile ingilunguza. Ayigqokile emzimbeni futhi igqoke isikhindi esigugile. Unamahloni kodwa unelukuluku lolwazi.

"ngibingelele". Amamatheke abaleke, ngimlandele. Ukhahlela ibhodlela elidala leplastiki, uyagijima bese ngmifica, Alikhahlelele kimi. Ngilikahlele kuye bese sihleka sobabili.

"Igama lami ngingu Neha, Ngivela eNepal".

Abheke phansi.

"Ungubani igama lakho? uvelaphi?"

Angaphenduli.

Ngizame futhi. "sikuphi?"

"Kutapulong" asho, kuthi uma ebona ukubuka kwami okuyimbuzo anezelele"Bangladesh".

Ngibheka uhlamvu lwemali esandleni sami, yiBangladeshi **Taka.**

"Oh Kulungile kuhle. Wena ungumBangladeshi?"

Abheke phansi anikine ikhanda.

"Uvela kuphi? Ngibuze futhi.

"Myanmar".

"Oh, ngakho unguBurmese?"

Aphinde anikine ikhanda. "Basibiza ama-Bengali, futhi sivela eBangladesh. Kodwa singama**Rohingya**. Sivela eMyanmar. Lelo yikhaya lethu."

"Kungani wahamba?" Ngibuza… ngishaywa uvalo ukuthi impendulo yakhe ingathini.

"Basixosha" usho Kanje. "Bashise amakhaya ethu futhi basidubula. Bekukubi."

Ngenhlanhla uyaqhubeka, nokukhuluma. "Umuzi wakithi wawumuhle. Kodwa manje usushisiwe. Angazi noma ngiyoke ngikwazi yini ukubuyela emuva. Ngiyasaba ukuthi ngizokhohlwa ngakho, njalo uma ngivala amehlo, Ngizama ukukhumbula kahle ukuthi kwakubukeka kanjani futhi kunuka kanjani. Bangasho kanjani ukuthi umuntu owazi kahle ukuthi indawo ibukeka futhi izwakala kanjani , akaveli lapho?Angiqondi ."

ABANTU BASEROHINGYA YIDLANZANA LESIZWE ESIHLALE AMAKHULU EMINYAKA EMYANMAR.IMYANMAR IZWE ELIHLUKE KAKHULU ELINABANTU ABAVELA EZINHLANGENI EZININGI NEZINKOLO EZININGI KODWA -KE ABANTU ABANINGI EMYANMAR ABAYAMUKELI IROHINGYA. ABAZIWA NJENGEZIZWE ZASEMYANMAR-ABANASISEKELO. AMAROHINGYA APHATHWA KABI KAKHULU,MHLAWUMBE KABI KAKHULU KUNAMANYE AMAZWE EMHLABENI JIKELELE.FUTHI-KE AMAKHULU EZINKULUNGWANE ZAMAROHINGYA ABALEKELA EMYANMAR AYA EBANGLADESH. EMYANMAR,ETHAILAND,E-INDIA,EPAKISTAN,ESAUDI ARABIA NAKWANYE AMAZWE

Ngizama ukwenza umqondo ngalokhu. Ngabe unobuzwe noma untul'ubuzwe? Futhi kungani axoshwa ezweni lakhe? Ingabe lokho kungenzeka nakimi?

Ngimbuza ukuthi ngabe nguye kuphela obalekile yini. Uyasibiza futhi angise endaweni lapha kuhlanzwa khona. Ngalesi sikhathi- ke lapho ngibona khona ukuthi sisegqumeni elincane. Ukhomba ngezansi. Kunolwandle lwemikhukhu, amaqhugwane kanye namathende – kuze kufike lapho amehlo ami abona khona – kugcwele abantu. Kufanele ukuthi kunezinkumbi zabantu!

"Leli ikhaya lethu manje" esho, "Ngoba bathi asidabuki lapha".

Ngizwa izinyembezi zizehlela emehlweni ami, Kodwa angifuni ukumenza adabuke, ngakho- ke nginquma ukushintsha inkulumo. "Uyalithanda ibhola?" Ngibuza. "Yiza masidlale. Ngizoba unozinti".

Emva kwalokho, ngimthathe isithombe sakhe. Unokumamatheka okuhle kakhulu.

Ngikhiphe incwadi yami yokubhala ngibhalele kuyo.

Ngemuva kokuhamba kwakhe ngibone ukuthi angikaze ngilifunde igama lakhe. Akanagama, njengabantu besizwe sakubo, ogama lakhe "uRohingya" akaziwa ezweni lakubo. Ngizizwa kabi kakhulu. Ngiyathemba ngizophinde ngimbone,ukuze ngibuze.

Ngivale amehlo ami, ngivule isikhwama sami semali ngikhiphe uhlamvu lwemali…

UMBUZO WESIKHOMBISA

KWENZAKALANI KUBANTU ABANTULA UBUZWE ABAPHATHWA KABI,KUDINGEKA BAHLALELE UKUBALEKELA EMAZWENI ABO?

Umhlaba uyazamazama ngaphansi kwami. Ngizizwa ngididekile kancane. Kuthathe isikhathi esincane kimi ukuthola ukuthi kwenzakalani. Ekugcineni ngibona ukuthi ngisemkhunjini omude wokhuni futhi lokho kuzamazama ngapha nangapha. Ngaphandle kwawo esinye isikebhe , futhi kunendlu yamapulangwe. Ezinye zixhumene nezindlu zemikhumbi zixhunyaniswe ngamapulangwe, izitebhisi nazisefo, futhi kunezingane ezigijima ngokushesha zisuka komunye ziye komunye. Kungikhumbuza indawo yasemijondolo eKathmandu, kukhona nezinja ezazinombala omnyama eziluma nxazonke. Uhlamvu lwami lwemali **i-Ringgit** lungitshela ukuthi ngise**Malaysia**. Ngiyazi kungekudala, iMalaysia inebhilidi elide kunawo wonke emhlabeni. Kodwa ngangingazi ukuthi inamadolobha akhiwe olwandle!

Isixuku sezingane siza seqela kimina. Ngimamatheke ngokwesaba futhi ngivele ngiphelelwe amandla "Angikwazi ukubhukuda". "Kulungile kusho enye yezingane" egqoke isikibha esidabukile nesingcolile nesikhindi, Singoch-





wepheshe." Ezinye izingane zihleke. Umfana omude uthi, "Singabanakekeli bolwandle futhi sizokuvikela".

Umfana omfishane, u-Aasif, unginikeza into ebukeka njengesoseji futhi athi ngizame, "Ucucumber lasolwandle". Ngigwinya kancane kodwa isisu sami sivele ngisizwe sengathi ujeli futhi angikwazi ukukuqeda.

U-Aasif nezinye izingane bangitshela ukuthi yi**Bajau Laut.**

"Sihlala kulezi zikebhe futhi sisebenza lapha". "nisebenza lapha?" Ngibuza. "yebo kumele sisize abazali bethu, asiyi esikoleni kwesinye isikhathi siyadoba noma sigaye ukhasava noma ilayisi."

Ngokuhamba ngithole ukuthi abakwazi ukuya

IMIKHUKHU NGOKUVAMILE YIGAMA ELISETSHENZISELWA UKUCHAZA INDAWO ECEKELEKE PHANSI FUTHI EGCWELE NGOKWEQILE EDOLOBHENI LAPHO KUHLALA KHONA ABANTU ABAHLUPHEKAYO.INGAHLE INGABI NEZINDAWO EZINHLE NJENGEZINDLU ZANGASESE NOMA AMANZI AHAMBAYO FUTHI INGANGCOLA KAKHULU,.



IMALAYSIA YIZWE ELISENINGIZIMU MPUMALANGA NE-ASIA FUTHI LAKHIWA IZIFUNDA EZIMBILI EZILINGANAYO.IPENINSULAR MALAYSIA NEMPUMALANGA MALAYSIA EZIHLUKANISWE ULWANDLE LWASENINGIZIMU CHINA .IMALAYSIA YAKHOLONAYIZWA NGAMABRITHANI. KUNEZINHLANGA EZININGI,IZINKOLO, NAMASIKO.KUNINGI UKUDLA EMALAYSIA



esikoleni ngoba iMalaysia ayibamukeli njengabahlali bezwe.

URiki, abe nokumamatheka kakhulu, izinwele zakhe ziboshwe ngentambo kakotini. Ugqoke ingubo enkulu kakhulu kunaye. Ungitshela ukuthi yena nezingane zakwabo abakaze balubeke unyawo kwelinye izwe, kepha iMalaysia angeke ibamukele.

IBAJAU LAUT(EYAZIWA NANGOKUTHI YISAMA DILAUT)NGUMPHAKATHI WABANTU ABAHLALA IKAKHULUKAZI EZIKEBHENI EZINGASOGWINI LWESABAH EMALAYSIA.BATHEMBELE OLWANDLE NGOKUDLA KWABO NANGEMISEBENZI.



"Uhulumeni ucabanga ukuthi uBajau Laut ungumFilipino" esho. "Ngakho-ke nangaphambi kokuba ngizalwe, isinqumo ngami sathathwa. Ngangizophelewa ngubuzwe. Ngangizozuza ifa lokungabinabuzwe  kubazali bami, nabo."abakuzuza kugogo nomkhulu wami

U-Aasif unginikeza induku yokudoba futhi ungikhombisa ukuthi ngiyiphonsa kanjani. Ungitshela ukuthi sekuphele iminyaka emibili engamboni ubaba wakhe, "ngoba akanalo uhlobo lukamazisi, amaphoyisa ambopha amthatha. Umama uthe mhlawumbe usejele ndawo ndawo  kepha ngiyazi ngabangani bami  ukuthi bazame ukuthumela abanye ePhilippine. Ngithemba ukuthi abamuthumanga lapho ubaba wami . Akaze ahlale lapho. Ngeke azi wonke umuntu."

Ngisazizwa ngididekile, ngakho -ke siya ezweni. URiki ungikhombisa ukuthi umsiza kanjani umama wakhe uma egaye ilayisi ngokulishaya etsheni eliqoshwe laba nomgodi omkhulu! Ngiyazama nami. Isigxobo sisinda ngokweqile! Kuyamangaza ukuthi ukwenza kanjani lokhu! Uyintombazane enamandla. Ngimthatha isithombe!



Lokhu kube yinto enhle kakhulu. Angikaze ngazi ukuthi abantu bahlala ezindlini zolwandle. Futhi lezi zingane ziyiqoqo elinobungane nelijabulisayo. Angeke wazi ukuthi babhekane nobunzima obunje, ukuthi abakwazi ukuya esikoleni, basebenza kanzima futhi abanye babazali babo base jele. Konke lokhu kungenxa yokuthi bantula ubuzwe.

Manje yisikhathi sokuba ngihambe. Ngivalelise kubangani bami abasha bese ngiphinde ngisebenzise isiko lami lemali

Iphunga elimnandi lecardamom nelayisi elibilayo lingivale amakhala ami lapho ngivula amehlo. Ngihleli ekhishini, owesifazane ozacile onezinwele ezilukiwe ezicwebezelayo ezilukwe isiFrench, ugoqoza ibhodwe. Izimbiza ezine zibhibhidla zishunqa futhi zicwebezela phezu kwesitofu sikagesi. Owesifazane onobungoti ugcina amehlo nezandla zakhe zihamba kuzo zonke izimbiza zozine. “Ungangidlulisela u-anyanisi Sima” usho entombazaneni edlala



umdlalo webhodi ekwelinye igumbi.

USima, angamnaki unina,athathe umdlalo wakhe webhodi bese egijimela kimi. “Sawubona! Ungubani?”okwamanje sengikhuluma indaba yami ngobuciko obuhle… bonke bathuthelene futhi balalele. Ngise Germany njengoba uhlamvu lwami lwe – Euro lungikhombisa. Ngikhumbula uLucas ekhuluma ngokuzalwa eGermany. Ngeke yini athande ukwazi ukuthi sengicishe ngabuya lapho ngiqale khona?

“Neha” uSima esho egigitheka. “Ngesi- Arabic uNeha usho uthando, nemvula! Akuyona into exakile leyo? Ngubani othanda imvula?” Ngiqhume ukuhleka. Ngimtshele ukuthi ngisho naseNepali kusho uthando nemvula, kodwa futhi namehlo. Empeleni umama usitshela ukuthi kuye uNeha usho ‘amehlo amahle aphuphayo’ kanti ‘uNikita’ usho ‘inkosazana eyiqhawe’!



I -EURO IMALI ESETSHENZISWA EMAZWENI ANGAMA -19 E-EUROPE. IZWE NGALINYE LINOMKLAMO WALO OHLANGOTHINI OLUBUYELA EMUVA

ININGI (KODWA HHAYI WONKE )AMAGAMA ANEZINCAZELO EZIKHETHEKILE.WAKE WAKUBHEKA OKUSHIWO IGAMA LAKHO?LISHO UKUTHINI IGAMA LAKHO NGOLIMI LWAKHO OLUKHULUMAYO?NOKUTHI LISHO UKUTHINI KWEZINYE IZILIMI?

USima ubuza ukuthi ngizodlala "i-Qagela ngubani" naye ngaphambi kwesidlo sakusihlwa. Njengoba ngizama ukuqagela ukuthi iliphi ikhadi uSima analo bese ngimbuza umbuzo-ka Yebo/noma Cha. Njengokuthi "Ingabe umuntu wakho ugqoka izibuko?" Angitshele ukuthi akasikhulumi isi- Arabic, impela kepha uyazama. Ukhuluma isi-Kurdish, ikakhulukazi, nomndeni wakhe ekhaya. Futhi uzama konke okusemandleni akhe ukukhuluma isiJalimane nesiNgisi. Uyazithanda izilimi futhi uthi angimbuze "i-Qagela ngubani" imibuzo yami ngesiNepali.

USima, abazali bakhe, nami sihlale phansi egunjini lokuphumula. Phambi kwethu kukhona ukusabalala kwezinto ezimnandi umama kaSima uLorana abekade ezipheka. Isisu sami siyaduma. Kukhona amabhola amancane enhlama athosiwe. Angiqiniseki kahle ukuthi yini engaphakathi kwawo, isinkwa esiyicaba sibukeka siwumbalabala nelayisi, igcwele imbewu enamakhoba ecardamom enephunga elimnandi, ngaphezulu – Angikaze ngilibone ilayisi elenziwe kanjena ngaphambilini kepha ngiyalihalela ukuliluma.

USima nomndeni wakhe bayisizwe samaKurdish Syrians abahlala eJalimane. Ngesikhathi sokudla isidlo sakusihlwa ubaba wakhe uyangichazela: singama**Kurds**, Ngazalelwa eSyria, njengomfazi nezingane zami, futhi sahlala lapha impilo yethu yonke ngaphambili kokuba kuqale impi. Kodwa-ke,akekho noyedwa kithi onobuzwe baseSyria. Neha singama-**"maktoum",** Lokho kusho ukuthi asibhalisiwe eSyria. Lapha kwenziwa **ukubalwa kwabantu** ngonyaka wango-1962 amaKurdish Syrians amaningi awazange abhaliswe. Umkhulu wayengahambisani kahle nomnikazi wendawo lapho futhi ikomidi lokubalwa kwabantu livakashela umninimuzi alizange lidlulise igama lokubhalisa umkhulu wami. Umkhulu wami ngaso lesi sikhathi akabange esaba nobuzwe futhi kwadingeka ukuthi samukele ifalakhe lokungabinabuzwe nathi sadlulisela ezinganeni zethu.

ULorana ungidlulisela amaningi ama**dolma** bese ethi "Indaba yethu siyixoxele abantu abaningi abahlukehlukene. Abacwaningi beza sabaxoxela ngezindaba zethu basitshela bazozibhala encwadini, siphinde saqoshwa

AMAKURDS AYISIZWE ESITHILE ESINABANTU ABALINGANISELWA EZIGIDINI EZINGAMA-20 KUYAKWEZINGU-40 EMHLABENI,ISIZWE SAMAKURDISH SEHLUKANISWE PHAKATHI KWAMAZWE AMANINGI NGAKHO-KE BAYIDLANZANA LAPHO BEHLALA KHONA.AMAKURDS ASESYRIA BABEPHATHWA KABI,BABENOBUNZIMA BOKUBHALISA IZINGANE EZINAMAGAMA ESIKURD ESIKOLENI FUTHI BEVINJELWA EKUSHICILELENI IZINCWADI EZIBHALWE NGOLIMI LWESIKURDISH



UKUBALWA KWABANTU UMSEBENZI WOKUTHOLA IMININININGWANE EBALULEKILE NGABO BONKE ABANTU ABAHLALA EZWENI NGOKUVAMILE,KUBA KHONA UKUBALWA KWABANTU NJALO EMINYAKENI EYISHUMI KEPHA EMAZWENI AMANINGI BEKUNGEKHO UKUBALWA KWABANTU ISIKHATHI ESIDANA

IDOLMA AMAQABUNGA OMVINI OGCWELE ILAYISI, IMINT, ULAMULA, USAWOTI, UPELEPELE, USHUKELA NEZINONGO(KWESINYE ISIKHATHI NENYAMA FUTHI)



ngohlelo lokutshengisa indaba yethu kumabonakude kodwa asikakayiboni leyo filimi. Uma utshela abanye ngathi, Neha ngicela ubatshele umalayezo wethu uwubhekise kwabanye abazali.

Ngizizwa ngidabukile futhi ngithukuthele. Ingqondo yami ibuyela kumama wami uqobo. Ngivele ngikhathazeke ngokuthi kungezeka ukuthi uyangikhumbula. Ngihambe isikhathi esingakanani? Kodwa kumele ngithole zonke izimpendulo engizizele!

Ubaba kaSima ubamba umkakhe ngesandla bese ethi "uzama ukwenzela izingane zakho konke, kepha ngandlela thize uyazi ukuthi awukwazi ukubanika konke ezinye izingane ezinakho. Lokho kuzwakala kabi."

Bese bengitshela okuncane ngempilo yaseGermany, ukuthi bakwazile ukutholela uSima isikole kodwa basabona sengathi bafuna indawo abazoyibiza ngekhaya. "Sekuphele iminyaka emibili silapha futhi sinethemba lokuthi sizothola ukuba izakhamuzi zaseJalimane."

"Singababaleki ngenxa yempi, kodwa futhi sintula ubuzwe. Uma sike sabuyela eSyria basozibona ukuthi singababo? ISyria ayikaze isamukele ngaphambilini.

Sithandazela ukuthi iGermany yenze njalo."

~

Ngisesigcawini esikhulu.Kunabantu abaningi abaculayo, abadansayo, abashaya izigubhu, abahlekayo. Kuyashisa kanti kuyajulukisa futhi kugcwele impilo nenjabulo, ngifinqe ingqindi uhlamvu lwemali lusentendeni yesandla **yimali yaseKenya**.Bekuyisifiso sami ukuba ngelinye ilanga ngivakashele **eKenya**.Angikholwa

inhlanhla yami!

Kunamandla amangazayo ensimini. Indoda ethile ingibone futhi ingibizele esixukwini esidansayo. “Siyakwamukela mngani wami, omncane”, “woza uhlanganyele kumkhosi wethu.”.

Ngimbuza ukuthi yini abayibungazayo. Ahleka athi “SingabakwaMakonde. Besingena sizwe, kepha samasha eNairobi ukuyohlangana nomongameli futhi safuna amalungelo ethu. Manje sesiyizakhamuzi!”

Ngiyamangala, futhi ngihleke ngenjabulo emsulwa.Ngokushesha ngizithola ngicabanga , ‘ngakho-ke le yimpi esingayinqoba’.

Ngithatha isikhathi esithile emasimini, ngikhuluma ngokugubha nabantu baseMakonde. Ngifunde ukuthi baqala ukulethwa besuka eMozambique baya eKenya ngabaseBritain ngonyaka wango -1936. Naphezu kokuhlala lapho izizukulwane ngezizukulwane, kamuva baphathwa njengabantu bokufika. Ezikhathini ezahlukehlukene bathenjiswa ukuthi bazobhaliswa , Kepha lokhu akuzange kwenzeke , futhi bahlangana nobunzima obuningi. UFelistus, owesifazane omnene futhi okhulumela phansi wangitshela ukuthi ngenkathi esemncane,umama wakhe kwadingeka amthwale amkhuphulele emthini wamakinati ukuze acashele amaphoyisa. UDahili, umdlali webhola obukeka kahle kakhulu wangitshela ukuthi ulahlekelwe kanjani yithuba lokuxhaswa ukuze ayodlala ibhola kwizwekazi lase-Europe ngoba wayengenawo umazizisi

Omunye wabadala, uThomas uthi, “ekugcineni sabona ukuthi sisendaweni

UMBALEKI NGUMUNTU OFUNA UKUVIKELWA KWELINYE IZWE. UPHOQELEKA UKUBA ASHIYE IZWE LAKHE NGEZIZATHU EZAHLUKEHLUKENE NJENGEZEMPILO, ZABONOKUPHEPHA, NENKULULEKO NOKUSONGELWA NGODLAME NOBUNGOZI

UMBUZO WESISHIYAGALOMBILI

UMA UHULUMENI ENGABA UKUKUNIKA UBUZWE NOMA ETHATHA UBUZWE BAKHO UNGENZANI UKUZE USHINTSHE ISIMO SAKHO?



IKENYA IZWE ELIHLE KAKHULU EMPUMALANGA YE-AFRICA ,YEHLUKILE KAKHULU,INEZINHLANGA EZAHLUKEHLUKENE.IKENYA NAYO IBIYIKHOLONI YAMABRITHANI,UBANI OLETHA ABANTU ABAVELA EMAZWENI ANGOMAKHELWANE EKENYA. ININGI LALEMIPHAKATHI IBHEKENE NOKUSWELA UBUZWE.
INARIOBI INHLOKODOLOBHA YASEKENYA

exinene empilweni. Sasifuna abantu abazosifundisa ukuthi singawathola kanjani amalungelo ethu".

UPeter ungenelela uthi "senze isinqumo esidinga ukuthi simashe siye eNairobi ukuhlangana nomongameli. Besizame zonke izinqubo zomthetho. Akekho owayesisiza. sihlangane eMakongeni esifundeni esisogwini, saqala ngemikhuleko sabe sesiqala imashi yethu."

Sekukonke, abakwaMakonde bahamba amakhilomitha angamakhulu amahlanu namashumi amabili nesithupha (526), baze bafika endlini kamongameli eNairobi. Babhekana nezinselelo eziningi endleleni. Bamiswa ngisho nangamaphoyisa. Kepha baqhubeke. U-Amina ungikhombisa isithombe semashi. Kubukeka kumangalisa, futhi ngifisa sengathi ngabe ngangikhona ukubasekela!

UPeter uyaqhubeka: "Lapho sifika eNairobi, Kwaba nezinselelo. Saphinde savinjwa ngamaphoyisa amaningi abephethe izibhamu abehlome kakhulu. Ngenxa, yokuba nobumbano kwethu sasingenalo uvalo. Sasazi ukuthi asenzanga lutho olubi ekulweleni amalungelo ethu."

Ngiyabesaba labantu abahle, abanesibindi. Kodwa okumangaza kakhulu



ukuthi ekugcineni umongameli wahlangana nabo, futhi wacela intethelelo kubo, noma kwathatha isikhathi eside ukuletha ubulungiswa kubo njengabantu baseKenya

Okwamanje kunesixuku esincane esingizungezile, bonke batshengisa ukuthi bazizwa kanjani.

USylvester, ikhehla lithi basenze sakhohlwa yibo bonke ubuhlungu. Siyajabula futhi,ukuthi siyizakhamizi zaseKenya."

U-Amina uyanezela,"noma ngingenalutho, okungenani nginomazisi.'Uzwa ngathi ufuna ukuphefumula Haaaaaah. Uphefumula kahle-ke manje'

Yeka isipiliyoni esimangazayo. Ngizizwa nginamandla aphelele futhi ngiyazethemba ukulwela amalungelo ami neNepal. Angisoze ngawakhohlwa amazwi kaPeter engivalelise ngawo. Nginamalungelo ami futhi ngizophumelela ngoba ngingumnqobi!"



Ngaphambi kokuthi ngivule amehlo ngiyazi ukuthi ngikuphi. Umsindo wemigwaqo ematasa nezimoto ezihuthayo, izintuli ezishubile izintuli

nokushisa okukhulu kwelanga ezinweleni zami ezimnyama kuyinto engiyijwayele kakhulu. Ngisekhaya!

Angifuni ukulinda ukubona umama, ukumanga futhi ngimtshele konke engikufundile. Kepha njengoba ngivula amehlo ami ngibona angikho ekhaya. Ngime ngaphandle kwesakhiwo sehhovisi **leKathmandu,** inhlokodolobha.

Ngiyangena.

"Namaste **bahini**", owesifazane omude, ogqoke kahle ukhothama kancane futhi nami ngiyakhothama, izandla zicindezelwe ndawonye, izithende zithintane futhi iminwe ikhombe phezulu,– ukubingelela kwethu eNamaste eNepal. uSushma uthi angiphuthume ngaphakathi. Ngesinye isikhathi egumbini lokwamukela izivakashi uLila, owesifazane onenkinga ogqeke ipinifa, obhoboze ikhala namabhande esiliva ezingalweni zakhe zombili, ubuza ukuthi singathanda yini ukuthola **ichiya.** Angikwazi ukulinda ukuyiphuza futhi ngemuva kokuhamba isikhathi eside kangaka. Ngizamile ukudla okumnandi kakhulu okuvela kuwo wonke umhlaba , kepha izinongo nobukhilimu bechiya kungilethela induduzo efana nokunye.

u-Anti kaSushma ungiletha ehhovisi lakhe; Ngibheka amepheshana – Ngisezinhlanganweni ezisebenzela amalungelo obesifazane futhi ezisiza abantu balwele ubuzwe.

U-anti kaSushma ukhipha ilaptop ungitshengisa isithombe sentombazanyana yaseNepal nabafana ababebhikisha ezitaladini zaseKathmandu."Neha uyayazi leya nkosikazi nendoda,nentombazane Kanye nabafana banamalungelo alinganayo.Nginqekuzise ikhanda ngamandla.Emazweni amaningi emhlabeni jikelele abesilisa nabesifazane

IGAMA ELITHIBAHINI LICHAZA UDADEWABO OMNCANE ENEPALI,KEPHA FUTHI IGAMA ELINOBUNGANE ELISETSHENZISWA NGABESIFAZANE UKUKHULUMA NABANYE BESIFAZANE KANYE NAMANTOMBAZANE



ICHIYA EYAZIWA NANGOKUTHI YICHAI,YITIYE ELINONGIWE ELIVAME UKUPHUZWA ENINGIZIMU ASIA .LENZIWA NGOKWENZA ITIYE ELIMNYAMA,UBISI NOSHUKELA NEZINONGO EZINJENGESINAMONI AMACLOVES NOGINGER

UMTHETHOSISEKELO UYIQOQO YEMITHETHO EMIKHULU YEZWE. EMAZWENI AMANINGI IBHALWE PHANSI ENDAWENI EYODWA,FUTHI IBEKA UKUTHI KUFANELE SIPHATHANE KANJANI NENYE IMITHETHO EBALULEKILE



bathathwa ngokuthi bayalingana kanti futhi amalungelo abo avikelwe umthethosisekelo"usho njalo.

Ngokunjalo ezikhathini eziningi. Abantu besifazane balinganiselwa kusigamu sabantu abaqashwe uhulumeni noma kwezobuchwepheshe nemisebenzi yezokusakaza. Isikhathi esiningibenza imali encane kunabantu besilisa yize benza imisebenzi efanayo. Ekhaya abesifazane yibo abenza imisebenzi yasendlini baphinde banakekele nezingane noma"

u-Anti kaShuma uyaqhubeka, "Emazweni angamashumi amabilinanhlanu abantu besifazane abasanamalungelo alinganayo nawabesilisa, ukunikeza ubuzwe babo ezinganeni zabo. INepal ingelinye lalawo mazwe. Neha, umama wenu onikhulise yena noNikita eyedwa kodwa, yize kunjalo, usenakho ukufakazela ukuthi ungubani ubaba wakho nokuthi wayengowaseNepali. Izikhulu eziningi zikahulumeni zinezinto ezimbi kakhulu kwabesifazane. Ababaphathi abesifazane ngenhlonipho efanayo neyabesilisa. Lapho umama wakho eyobhalisa uNikita ehhovisi

**WAKE WAKUZWA YINI UKUTHI ABESIFAZANE BAPHATHWA NGOKUHLUKILE KUNABESILISA?NGABE BENZA UMSEBENZI OMNINGI ENDLINI NOMA KULINDELEKE UKUTHI BENZE IZINHLOBO EZAHLUKENE ZEMISEBENZI?UZIZWA KANJANI NGALOKHU?**



lesifunda watshelwa ukuthi kumele eze nobaba kaNikita ngoba 'izingane kufanele zithole ubuzwe bazo koyise.' Lokhu akulona iqiniso, futhi bebenza iphutha ekuphatheni umama wakho ngaleyo ndlela."

Ngiyabona ukuthi ngithuthumela kancane ukuthukuthela. Ngiyamkhumbula umuntu kahulumeni odelelayo ehhovisi likahulumeni, ijaji enkantolo kanye nothisha esikoleni. Ngiyacabanga ngakho konke okwadingeka ukuthi umama abhekane nakho, ngoba izwe lami licabanga ukuthi kulungile ukuphatha kabi abesifazane. Ngicabanga ngabangani bami emhlabeni wonke nabo abahlupheka ngenxa yemithetho emibi nesimo sengqondo esibi.

Ngibuza u-anti Sushma ukuthi ngabe lokhu kusho ukuthi ngizokhula ngaphandle kobuzwe?

Athi"thina ,njengabammeli , sisize abantu abaningi abasesimweni okuso. Sizosiza umama wakho ukuthi alwe naleli cala eNkantolo Ephakeme ukuze wena noNikita nikhule ngobuzwe baseNepali, egameni likamama, njenge lungelo lakho."

Ngizwa ukuvuvukala kwemizwa nokubonga kulo wesifazane engisanda kuhlangana naye. Ngithatha isinqumo sokuthi nami ngizoba ngummeli, ukuze ngiqhubeke nokusiza abantu bathole ubuzwe ababufanele.

U-anti Sushma ungitshela ukuthi abantu abasesithombeni bayingxenye yeqembu elibizwa ngokuthi "Ubuzwe Egameni Likamama" nokuthi nabo banqatshelwa ilungelo lokuthola ubuzwe komama babo. Iningi labo alizange

Ngiyayizwa iNepal

Ngazalelwa eNepali, Ngigubha wonke amasiko aseNepal , Ngikhuluma iNepali esiphelele.

Kepha ngenxa yomthetho nezimo zabanye abantu, mina nodadewethu uNikita asemukelwanga njengabantu base-Nepali. Kepha alikho elinye izwe elisibona njengesizwe sabo, noma ngithanda ukuba yisizwe salo (nakuba ngingathanda ukuvakashela wonke). Angikaze ngihlale kwenye indawo, umama wami umNepali , ugogo nomkhulu wami amaNepali. Uma iNepali ingangazi njengeNepal, Anginasizwe.

Ubuzwe buyinto eyinhlekisa, Hhayi wonke umuntu uyakuqonda ukuthi kuyini abantu abaningi banabo, kepha abanye abantu abanabo.

Bengihlala ngicabanga ukuthi,wonke umuntu unobuzwe bezwe azalelwe kulo. Kodwa ngabona ukuthi ngihlukile ngenkathi umama wami ethola

ukuthi uNikita akakwazi ukuqeda izivivinyo zakhe zesikole. Manje sengiyazi ukuthi yini ukwaziwa ngokusemthethweni yizwe njengesizwe, ukuba nephepha, njengesitifiketi sokuzalwa ,umazisi noma iphasiphoti kubaluleke kangakanani ezintweni eziningi. Ngaphandle kwayo ukezia akakwazi ukuletha izingane zakhe esibhedlela uma zigula. Izingane zikaRosa azikwazi ukuya esikoleni futhi kungenzeka zingabi namathuba emisebenzi emihle. uGrace kungenzeka angakwazi ukufeza amaphupho akhe okuhamba. USima nabazali bakhe baqhubeke nokufuna izwe elibamukeleyo. Futhi mina nodadewethu kufanele silinde ukuthola ukuthi sizoqeda yini ukufunda. Singakuguqula lokhu, futhi kufanele. Abantu abanjengo anti-uSushma basebenza kanzima nsuku zonke, ukulwela ilungelo lawo wonke umuntu lobuzwe. Kube khona impumelelo enkulu .Kwabanye , kuthatha isikhathi eside. Futhi- ke, iningi lethu lidinga ukuhlanganyela kulempi. Kumele senze konke okusemandleni ethu, ukuze yonke ingane ibe nobuzwe!

likwazi ukuthola umsebenzi selokhu laqeda isikole, samabanga aphakeme abanye balabo baphathwa kabi futhi abawutholi umholo wabo. Uthe ngaphandle kobuzwe awukwazi ngisho ukuthenga i-simkhadi yefoni yakho. Leli qembu lifuna ukufaka ingcindezi kuhulumeni ukuthi ashintshe umthetho. Babhikisha ngaphandle kwamabhilidi kahulumeni njalo ngolwesihlanu.

Ngisendleleni ebuyela ekhaya etekisini, ngibhala imicabango yami yokugcina ngale ndlela ehehayo, egqamile , ekhathazayo ,ekhuthazayo , efundisayo , nehlwabusayo:

Sengisekhaya manje, ngibheke emehlweni kamama. Ayihazelnut emnyama futhi zingangikhohlisa ngicabange ukuthi ngibheke emehlweni kadadewethu. Izingalo zakhe eziqinile, nezandla zakhe, ezibanzi, eziyisicaba, eziqine kancane entendeni yesandla , ngimange ngisondele kuye . Lezo izandla ezisiphekela konke ukudla lapho sikhula. Wayehlala enza ukudla okuvela emazweni ahlukene isushi evela  eJapan, amasamoosa aseNdiya, isaladi laseMelika lezambane. Usinikeze konke ebesikufuna kodwa manje kunento eyodwa angeke akwazi ukusinika yona.

Sekuphele amasonto ambalwa manje selokhu ngazidela. Ngiphenya incwadi yami yokubhalela nazo zonke izithombe zami. Ngithole abangani abamangazayo futhi ngibabhalele bonke. Bonke bavumelana nami ukuthi kuwubulima ukuthi kunezingane nabantu abadala abangenabo ubuzwe . Kuyingozi futhi, Lokhu kufanele kube inkinga elula ukuxazululeka, uma ngabe abantu abadala kuphela bebezovuma ukuthi akekho umuntu okufanele antul'ubuzwe.

Abangani bami abavela emhlabeni wonke, sizolwela ilungelo lawo wonke umuntu lobuzwe, Sizofunda kabanzi ngaloko okudingeka kwenziwe futhi sonke silwele ilungelo lethu,nelungelo lemindeni yethu lokuba nobuzwe futhi siphile ngaphandle kokubandlululwa. Sizoqhubeka nokwabelana ngezindaba zethu ukuze abanye bafunde ngokubaluleka kobuzwe nokuthi kungani kufanele silwe ukuqeda ukungabibikho komhlaba. Sithemba ukuthi nawe uzohlanganyela nathi!



# Umhlaba






ANGIKHOLWA UKUTHI NGIHAMBELE AMAZWE AMANINGI KANGAKA. NGITHOLE LELI BALAZWE LOMHLABA FUTHI NGASE NGIFAKA IMIBALA KULO,KUWO WONKE AMAZWE ENGIWAVAKASHELE NGAWENZA ABABOMVU. UNGAWABIZA WONKE? IZINHLAMVU ZEZIMALI ZAMI ZEMILINGO ZINGIYISE EMHLABENIT

KUSUKELA EKUZIJABULISENI KWAMI OKUKHULU, NGIFUNDE OKUNINGI KAKHULU NGOKUNGABI NOBUZWE. NGIFAKE UMBALA OPHUZI AMANYE AMAZWE LAPHO NGIFUNDE NGOKUNTUL'UBUZWE EMHLABENI UKUTHI KUYINKINGA

# Imibuzo kaNeha




## UMBUZO WOKUQALA

BUYINI UBUZWE? NGABE WONKE UMUNTU UTHOLA UBUZWE BEZWE LALAPHO AZALELWA KHONA?

## UMBUZO WESIBILI

NGABE WONKE UMUNTU UTHOLA UBUZWE UMA ELANDELA ISIKO, NOMA AMASIKO NEMITHETHO YEZWE AHLALA KULO?

## UMBUZO WESITHATHU

NGABE ISITIFIKETI SAKHO SOKUZALWA ESIKUNIKEZA UBUZWE?

## UMBUZO WESINE

HLOBO LUNI LWEZINTO IZINGANE EZINGENABO UBUZWE EZINGAKWAZI UKUZENZA?

## UMBUZO WESIIHLANU

KUNGANI ABANTU ABANOBUZWE BUBUYE BUBALAHLAKELE?

## UMBUZO WESITHUPHA

KUNGANI AMAZWE ENGEKE AQINISEKISA UKUTHI ZONKE IZINGANE ZITHOLA UBUZWE, NOMA NGABE AZAZI UKUTHI ZAZALWAPHI NOMA UKUTHI BANGOBANI ABAZALI BAZO?

## UMBUZO WESIKHOMBISA

KWENZEKANI KUBANTU ABANTUL'UBUZWE ABAPHATHWA KABUHLUNGU BAZE BABALEKE EZWEN LABO?

## UMBUZO WESISHIYAGALOMBILI

UMA UHULUMENI ENQABA UKUKUNIKA UBUZWE, NOMA ETHATHA UBUZWE BAKHO, YINI ONGAYENZA UKUSHINTSHA ISIMO SAKHO?

OHAMBENI LWAMI NAKUCWANINGO LWAMI, NGAHLANGANA NEZAZI EZINOLWAZI NGOKUNTUL'UBUZWE .NGAKWAZI NOKUBUZA ABANYE ABANTU ABAFUNDE BAPHINDE BASEBENZE NGALO LOLU DABA UKUTHI BANGAKWAZI UKUPHENDULA IMIBUZO YAMI.BASHO LOKHU!



## UMBUZO WOKUQALA

**BUYINI UBUZWE? NGABE BONKE ABANTU BAYA BUTHOLA UBUZWE EZWENI LAPHO BAZALELWA KHONA?**

Ukuba nobuzwe kufana nokuba nobulunga obugcwele ezweni. Kukunika umuzwa – wokuba ingxenye yalowo mphakathi. Yingakho abantu besekela amaqembu abo esizwe kumiqhudelwano yezemidlalo njengama-Olympics nendebe yomhlaba. Yingoba bazizwa bengabakhona, futhi bafuna izwe labo lenze kangcono.

Izwe nezwe linemithetho yokuba ungaba kanjani: yilungu imigomo (noma imithetho).Abantu banikezwa ubuzwe. Amanye amazwe anikeza ubuzwe kunoma ubani uzalelewe

kulelo lizwe. Amanye amazwe anikeza ubuzwe kunoma ubani onomzali kulelo zwe. Amazwe amaningi ayabavumela abantu asebehlale isikhathi eside noma abashade nesakhamuzi sakulelozwe, ukuba bangafaka isicelo sokuthola ubuzwe.Ngale ndlela , izimo zempilo ezenza umuntu axhumane nalelo zwe akulo yikho okwenza ubuzwe.

Kukhona umsomqulu obalulekile obizwa nge - **Universal Declaration of Human Rights**, ochaza kabanzi ngama lungelo omuntu ngamunye emhlabeni jikelele . Lo somqulu uthi **"wonke umuntu unelungelo lokuba nobuzwe"**. Lokhu kuchaza ukuthi imithetho yobuzwe kumele ingacwasi futhi yenze kube lula ukuthi noma ngubani angathola ubuzwe nanoma ikuphi lapho ethanda khona . Akekho umuntu okumele angabi nobuzwe.

Noma kunjalo, amanye amazwe anemithetho emibi, njengo kungavumeli abesifazane ukuthi badlulisele ezinganeni noma labo abadabuka ezizweni ezincane bangabutholi obuzwe. Amanye amazwe anemithetho emihle kodwa engasentsheziswa ngendlela engafanele. Yingakho kunabantu abaningi abengenabo ubuzwe obuphelele emhlabeni.

**UMBUZO WESIBILI**

**NGABE UWONKEWONKE UYABUTHOLA UBUZWE UMA ELANDELA, USIKOMPILO NEMITHETHO YEZWE AHLALA KULO?**

Wonke umuntu kumele abe nobuzwe. Lokhu akumele kuncike ekutheni abantu bayali landela isikompilo nemithetho yezwe abahlala kulo.

Akusiyena, uwonkewonke ukwenzayo lokho.

Agekho owazi inani Labantu abantula ubuzwe,kodwa kuqikelelwa ukuthi bevile ezigidini eziyishuminesihlanu. Ngokujwayelekile, uma umuntu enganabo ubuzwe, imbangela akusikhona ukuthi benze okuphambukile. Noma akusiko ukuthi behlulekile ukulandela isiko, isikompilo okukanye imithetho yalelo lizwe, noma ukuthi abanazimpande kulelo zwe.


Ngokujwayelekile kuyaye kube yizwe elenza okuphambene nobulungiswa – ngoba linemithetho engemihle, engaphelele, okukanye engasetshenziswa ngendlela efanele. Kwesinye isikhathi kunamaphutha.kwesinye isikhathi enziwa ngamasibomu ngoba kucwaswa abantu abathile kulelo zwe.

## UMBUZO WESITHATHU

**Ngabe isitifiketi sakho sokuzalwa sikunika ubuzwe?**

Isitifiketi sokuzalwa asichazi ubuzwe bakho. Ziningi izingane emhlabeni okuzalwa kwazo akushicilelwelanga kodwa zinobuzwe ngoba zixhumene ngendlela ethize nalelo zwe Kubalulekile ukuba nesitifiketi sokuzalwa: siveze ukuthi, wazelelwa kuphi nokuthi ngobani abazali bakho. Lezi yizo izinkomba, ezisitshela ngobuzwe bakho (noma kufanele kube). Kubanzima -ke ukwazi ubuzwe balabantu uma bengenazo izitifiketi zokuzalwa.

Ake sibuke lesi sithombe.



Lo umfana omncane eSerbia. Ngesandla sakhe ubambe ipheshana , elibalulekile kuyena emhlabeni. Ngaphambi kokuthi ubaba wakhe ashone, wamunika leli phepha .Kulelo phepha , wayebhale amagama Kanye nezinsuku zokuzalwa zomfana nabafowabo abayisithupha  kanye nodadewabo. Kulezi zingane eziyisikhombisa,ayikho nayinye okuzalwa kwayo kwakushicilelwa ,

akukho okuveza ngokusemthethweni ukuzalwa kwabo ,ngakho- ke abakwazi ukuthi bangabokudaka eSerbia. Ukube okuzalwa kwabo kwakushicilelwe bebezokwazi ukuveza ukuxhumana kwabo nezwe .

## UMBUZO WESINE

**Iziphi izinto izingane ezingena buzwe ezingakwazi ukuzenza?**

I-Universal Declaration of Human Rights usomqulo ovikela ilungelo lomuntu ngamunye lobuzwe, iphinde ivikele namanye amalungelo ethu. Omunye usomqulo osemqoka – **iConvention on the Rights of the Child** – iphinde icacise ukuthi izingane kumele ziphathwe, futhi ziphinde zivikelwe kanjani, nokuthi ayini amalungelo azo? Ngokwale miqulu, izingane zinelungelo lokuba nobuzwe. Kubalulekile futhi ukuthi, izingane ezingenabo ubuzwe, amalungelo azo ahlonishwe. Isibonelo, kumele zivikeleke, zikwazi ukuya esikoleni, zikwazi ukuya kwadokotela uma zigula, zikwazi ukudlala, nokuba nemindeni yazo nalabo abazinakekelayo futhi akumele zisebenze.

Njengoba sesizwile, ukuthi izingane ezingenabuzwe azikwazi ukwenza



lezi zinto. Lokhu akuvumeleki, akuhambisani nelungelo lengane kumele kuguqulwe nakanjani.

Izingane eziningi ezingenalo ilungelo lobuzwe azikwazi ukuya esikoleni. Noma, zivumelekile kwesinye isikhathi azivunyelwa ukubhala izivivinyo. Uma zigula, kwesinye isikhathi azikwazi ukubona udokotela noma ziye esibhedlela.

Kwesinye isikhathi kumele zisebenze, njengale ngane esekhasini lamashumi amahlanu nantathu, lokhu kungaba nzima kuphinde kube nobungozi

Impilo ingaba nzima kuzingane ezingenabo ubuzwe. Kusuke kungesilona iphutha lazo ukuthi azinabo ubuzwe ,futhi akunabo ubulungiswa, kubuhlungu..

## UMBUZO WESIHLANU

### UMBUZO WESIHLANU KUNGANI ABANTU ABANOBUZWE KWESINYE ISIKHATHI BELAHLEKELWA YIBO?

Sibonile uRosa nomndeni wakhe eDominican Republic ukuthi balahlekwa kanjani ubuzwe ngenxa yokushaywa kwemithetho emisha engalungile. Yena nomndeni wakhe bangohlanga lwesizwana esincane, izwe labo lanquma ukubaphatha ngesihluku. Izingane eziyisisulu zalemithetho emibi zingazithola ikusasa lazo lifadabala phambi kwamehlo azo njenga lezi zingane ezisesithombeni ngoba azithathwa njengamalungu aphelele ezwe.
Kunamanye amazwe athatha noma aphuce ezinye izinhlanga ubuzwe. Isibonelo izwe lase Myanmar lathatha ubuzwe bamaRohingya kanye nabanye bomdabu base Syria Kanye nomunye umphakathi wase Kurdish.

Ezinye zezizathu ezingakwenza ulahlekelwe ubuzwe, uqhekeko olungenza izwe lihlukane kabili kumbe kweve. ISoviet Union Kwakungelinye lamazwe amakhulukazi emhlabeni.Kodwa kwathi ngeminyaka yango- 1990s,lahlukana kwaba ngamazwe ayishumi nanhlanu. Lokho kwaphoqa ukuthi abantu abekade beyizakhamuzi zeSoviet Union, bazithole,sebedinga ubuzwe emazweni amasha ababe sebe hlala kuwo. Iningi lazama ukuthola ubuzwe kulawo mazwe amasha, kodwa kuze, kube manje ,abanye abanabo ubuzwe . Ngoba lamazwe amasha ashaya imithetho yawo kwesinye isikhathi abandlulula abantu abathile.




Amanye amazwe anokuthatha ubuzwe kubantu abangamahlongandlebe. Abantu abangamavukelambuso, noma amaphekula bangazithola, belahlekelwa ubuzwe. Kuyaye kube yinkinga enkulu yezwe ukubhekana nezimo ezinje kodwa uma izakhamuzi zenza izenzo ezimbi eziphuma endleleni,kumele zijeze ngaphansi komthetho njengalabo abangababulali. Asikho isidingo sokuthi baphucwe ubuzwe babo. Asikho- ke isiqiniseko sokuthi izwe liba nokuphepha ngokwenza lokhu. Kunezinye izinkinga, kwesinye isikhathi le mithetho isetshenziswa, ngendlela engalungile, njengokuthi uhulumeni athathe isinqumo sokuthatha amalungelo alabo abalwela ubulungiswa ezweni. Kwamanye amazwe izingane zabazali abalwela amalungelo nobulungiswa, zingazithola sezilahlekelwa ubuzwe bazo.



## UMBUZO WESITHUPHA

**Kungani amazwe angenzi isiqiniseko sokuthi zonke izingane zithola ubuzwe, nakuba zingazi ukuthi zazelelwaphi noma ngobani abazali bazo?**

Wonke amazwe kumele futhi , enze isiqiniseko sokuthi izingane zithola ubuzwe yize zingazi ukuthi zazalelwaphi nokuthi abazali bazo obani. Amazwe angakwenza lokhu kube lula ngokuguqula imithetho  yobuzwe.Isibonelo "umuntu ongundingasithebeni otholakala eSweden"  uyathathwa njenge sakhamuzi sase Sweden. Lokhu singakuthatha "njengokuvikela izingane ezinganabo ubuzwe" – Lo mthetho okhethekile ungasetshenziswa lapho ingane ingatholi ubuzwe. Ngeshwa , awekho amazwe amaningi analezi ndlela nezinhlelo zokuxazulula lesi simo. Nalawo anazo, lezi zinhlelo awakwazi ngaso sonke isikhathi ukusebenzisa imithetho njengoba ibhaliwe.

Le ngane esiyibona esithombeni yazalelwa eMalaysia, ngabazali abengenabo ubuzwe eRohinga. Ukasoze uhulumeni wase Malaysia wawusebenzisa umthetho wawo wokuvikela amalungelo okunika izingane ubuzwe emazweni okungesiwona ezazalelwa kuwo ngabe zabuthola ubuzwe base Malaysia. Le ngane ngabe ayibutholanga ubuzwe base Malaysia, kepha iMalaysia ayikwenzi lokho.



## UMBUZO WESIKHOMBISA

**Kwenzakalani kubantu abantula ubuzwe, abaphathwa ngendlakadla baze babaleke emazweni abo?**

Uma abantu behlukunyezwa ngezimpilo zabo zisengozini ngenxa yokubukeka kwabo, ngenxa yenkolo yabo mhlawumbe kwabakholelwa kuko, loko kunganyananyiswa nokuhlukumeza ngokuzwisa ubuhlungu. Kwesinye isikhathi abantu bayahlukunyezwa ngokuthi banganikezwa ubuzwe. Iningi labantu abahlukunyezwayo bazithola bephoqeleka ukuba babaleke, bashiye imizi yabo Kanye nezinto zabo ezingamagugu kubo. Ukubaleka ezweni lakho ngalendlela kunzima futhi kuyinto edabukisayo.

Uma abantu bebalekela kwamanye amazwe, ukuthola ukuphepha, babangababaleki –njengale ntombazane esesithombeni, enqamula umngcele wase Myanmar iya eBangladesh:



Ukushiya izwe lakho ozalelwe kulo nezinto ozijwayele kudinga isibindi lapho ungazi muntu khona kwesinye isikhathi awukwazi ukukhuluma ulimi lomdabu lwalelozwe. Igama"umbaleki" liqhamuka egameni "baleka. okuchaza, "umuntu obalekela kwelinye izwe ukuphunyuka ekuhlukunyezweni".

Umhlaba uyavumelana wonkana ukuthi ukuhlunyezwa kwabantu akusiyo into eyamukelekile futhi kuyinto elungile nebalulekile okuvikela amalungelo ababaleki. Kodwa, kuningi okusamele kwenziwe okufundisa abantu ukuhlonipha, yindlela yokukhuluma nokuthi banga limazani bebodwa. Kumele senze isiqiniseko sokhuthi labo abahlukumezekile bathola ukuvikeleka. Singakwazi ukulekelela ekutheni ababaleki bazizwe bemukelekile futhi bephephile.

**UMBUZO WESISHIYAGALOMBILI**

**Uma uhulumeni enqaba ukukunika ubuzwe, kumbe athathe ubuzwe bakho ungenzani ukuguqula isimo?**

Uma izwe okulo lishaya indiva ubuzwe bakho, kumbe likuphuce bona, kunemizamo ongayenza ukuguqula isimo. Amazwe amaningi, kunabammeli, abangakusiza ngokuthi bathathe udaba lwakho baluyise ezinkantolo ukuthola ukuthi ngabe uhulumeni wakulelo zwe akawacindezelanga amalungelo akho. Ukwenza lokhu kungasiza ekutholeni isisombululo enkingeni osuke ubhekene nayo. Uma, umthetho walelo zwe ungemuhle, inkantolo ngeke ikwazi ukukusiza. Lokhu, kwenza izinto zibenzima. Nakuba kunjalo kunabantu abaningi emhlabeni, abalwela ubuzwe buka wonkewonke. Banezinhlelo eziningi, ukuzwisa ilaka labo, baxhumana nabaholi benze imibhikisho nazo zonke ezinye izinto ukuguqula isimo. Njengoba sibonile le mibhikisho iyaphumelela. Kodwa ingathatha isikhathi ukuthi iphumelele futhi idinga ukuzimisela nokusebenza kanzima

Isithombe esitholakala ekhasini elandelayo sisitshengisa owesilisa ebhikisha eKuwait. BangamaBidoon. Ngokudabuka, kumele ngabe banobuzwe obugcwele base Kuwait futhi kade bebulwela iminyaka eminingi.

# Imibuzo Yabantwana



NJENGOBA NGIFUNDA KABANZI NGESIMO SOKUNTULA UBUZWE EMHLABENI JIKELELE KUNGINIKE ITHUBA LOKWENZA ABANGANI NABO ABANTULA UBUZWE, NGIQALE NGATHOLA IMIBUZO KUBO. EMINYE IMIBUZO IBINZIMA. BANGENZE NGACABANGA. EMINYE IMIBUZO YABO IBINGENZA NGICASUKA, OKUNAMHLANJE UTHOLA, ABANTWANA BEBUZA NGEZIMPILO ZABO.
UNGAYI PHENDULA KANJANI LE MIBUZO?

*Kungani ngingenabo ubuzwe, nakube ngazalelwa kulelizwe? (uBakhrom, oneminyaka eyishumi nane wase, Kyrgyzstan)*





*Kungani umuntu ofana nami, oyisizukulwane sesibili esazalelwa eMadagascar futhi engenakho ukuxhumana nelinye izwe, engakwazi ukuthola ubuzwe base Madagascar? (uMohamed, oneminyaka eyishumi nane waseMadagascar*

*Ngabe ngibukeka ngokwehlukile kunabanye? Ngiwubuza kanjani lo mbuzo, uma konke engikuhlelayo ngempilo yami kugcina ngemibuzo? (NguShubhashini, oneminyaka eyishumi nambili wase Malaysia)*



# Abantwana abantul'ubuzwe



*Kungani abafowethu benamaphepha obuzwe, kodwa (njengawo wonke amantombazane) Anginawo? (Ngu Zalina,oneminyaka eyishumi nesishiyagalolunye wase Tajikistan)*

*Kuyoba isikhathi esingakanani ngilinde ukuba namalungelo alingana nawabanye abantu? Bengi lwela lokhu impilo yami yonke (NguPhra, wase Thailand).*





*Kuyo kwenzekani uma ngingakwazi ukuqhubeka nezifundo zami kulo nyaka? (Ngu Sheellin, oneminyaka eyishumi nanhlanu, wase Malaysia*

*Ingabe umhlaba usikhathalele? Ngiyo linda isikhathi esingakanani? (Ngu-Andrew, wase South Africa/ Mzansi)*



WONKE UMUNTU UNAMALUNGELO ESINTU.SINAWO LA MALUNGELO NGOBA SINGABANTU,FUTHI SIKHOLWA WUKUTHI WONKE UMUNTU UNESITHUNZI,UYALINGANA FUTHI KUFANELE AKHULULEKE.LOKHU KUSHO UKUTHI AKEKHO UMUNTU OKUFANELE ATHATHE AMALUNGELO ETHU KITHI.WONKE UMUNTU KUFANELE AHLONIPHE AMALUNGELO ETHU,NJENGOBA NATHI KUFANELE SIHLONIPHE AMALUNGELO ABANYE

# Yazi Ilungelo Lakho!

INTO ENGIYIFUNDILE, UKUTHI WONKE UMUNTU EMHLABENI UNAMA LUNGELO, KUSUKELA OSWANENI KUYA KWABADALA.

EMVA KWEMPI YOMHLABA YESIBILI (WORLD WAR II), AMAZWE OMHLABA AHLANGANA ASUNGULA INHLANGANO EBIZWA NGE- UNITED NATIONS (UN) INHLANGANO YEZIZWE. NGOKUSUNGULA LE NHLANGANO I-UN, KUZANYWA KUQIKELELWE UKUTHI ABANTU BAHLALA NGOKUTHULA, NESITHUNZI SABO SIHLONISHWE NOKUTHI AKEKHO UMUNTU OZITHOLA ESESIMENI SOKUHLUKUMEZEKA NGENXA YEMPI.

MHLA ZIYISHUMI KUZIBANDLELA KA 1948, I -UN YAKHIPHA UMSOMQULU OBALULEKILE OBIZWA NGE-UNIVERSAL DECLARATION OF HUMAN RIGHTS /. LO SOMQULU UCHAZA KABANZI NGAMALUNGELO ABANTU NOMA BENGABAWOBANI NOMA BAHLALA KUPHI. MININGI-KE, IMIQULU ESEYIKHISHIWE UKUZAMA UKUVIKELA AMALUNGELO ABANTU. KUZE KUBE MANJE I-UNIVERSAL DECLARATION ITHATHWA NJENGE- NGENGQALABUTHO KASOMQULU EKUVIKELENI AMALUNGELO ABANTU. NJALO MHLA ZIYISHUMI KUZIBANDLELA UMHLABA WONKANA USUKE UGUBHA USUKU LOMHLABA WONKE LWAMALUNGELO ABANTU/INTERNATIONAL HUMAN RIGHTS DAY.

SONKE SIYAVUMELANA UKUTHI IZINGANE ABANTU ABABALULEKILE EMHLABENI. BADINGA UKUVIKELWA NOKUNAKEKELWA. YINGAKHO- KE, NGO -1989, KWAVUNYELWANA NGAMALUNGELO EZINGANE KU CONVENTION ON THE RIGHTS OF THE CHILD ". LOKHU KUGCIZELELA UKUTHI YONKE INGANE IZALWA IKHULULEKILE FUTHI ILINGANA NEZINYE" IPHINDE IGCIZELELE AMALUNGELO ABALULEKILE EZINGANE EZINAWO. WONKE AMAZWE OMHLABA AWUSAYINDILE LOSOMQULU. WONKE ATHEMBISA UKUVIKELA AMALUNGELO AQUKETHWE ILOSOMQULU.



## Nawa amalungelo onawo njengengane,nezinye izingane ezinawo futhi:

Akufanele uphathwe ngesihluku noma ngendlela engalungile ngenxa yendlela obukeka ngayo nokholelwa kuyo, nalapho ohlala khona nolimi olukhulumayo, ucebile noma uhluphekile kumbe unokukhubazeka noma ungumfana okanye intombazane nokuthi ngobani abazali noma abakunakekelayo.









Unelungelo lokuba nguwe; igama, ubuzwe nokwazi abazali bakho nomndeni wakho. Akekho okumele akuphuce lokhu. Akumele untule ubuzwe.





Unelungelo lokukhuluma usho into okholelwa kuyo. Abadala nezinye izingane kumele balalele uma izingane zikhuluma.



Unelungelo lokuthola izinto ezintsha, ukufunda nokuhamba amazwe.


Akumele uphathwe kabi noma ujeziswe ngendlela enesihluku noma enobungozi.


Siza?
Uma ungaba ngumbaleki unelungelo lokuvikeleka okukhethekile.

KUYABONAKALA, UKUTHI ILUNGELO LOBUZWE YILONA LUNGELO YONKE INGANE OKUMELE IBE NALO.

IZINGANE EZINGENABO UBUZWE, ZIZITHOLA ZIYIZISULU ZOKUHLUKUNYEZWA KWAMALUNGELO AZO. LOKHU KWENZA, UKUTHI BAZITHOLE SEBEJEZISWA KABILI - OKUKUQALA NGOKUNGABANIKEZI UBUZWE, NOKUBANCISHA AMALUNGELO AMANYE.

UMA IZINTO ZIHAMBA KABI, FUTHI AMALUNGELO AKHO ENGAHLONISHWA KUNEZINTO ONGAZENZA UKUWATHOLA. UNGA- KHULUMA NGENKINGA YAKHO KUBANTU OBATHEMBAYO , NJENGABAZALI BAKHO,UTHISHA WAKHO NOMA UMNGANI. UMA KUYINKINGA ENKULU UNGAKWAZI UKUXHUMANA NEZINHLANGANO ZAMALUNGELO ABANTU KUMBE, ABAMMELI.IZINHLANGANO EZININGI ZAMALUNGELO ABANTU ZISEBENZELA UKUVIKELA AMALUNGELO EZINGANE.ZIYASIZA, ZIQWASHISE ABANTU NGEZINKINGA,ZILWELE USHINTSHO,ZIPHINDE ZILWELE NEMIKHUBA EMIBI NEZINQUMO KANYE NEMITHETHO.UNGAKWAZI NOKUFAKA ISIKHALO ENKANTOLO ,UCELE IJAJI UKUBA LIKHIPHE UMYALELO WOKUTHI UPHATHWE NGENDLELA EYIYO.

KUNEKOMIDI LEZAZI KUNHLANGANO YEZIZWE OMSEBENZI WALO UKWENZA ISIQINISEKO SOKUTHI AMAZWE ENZANI UKUVIKELA IZINGANE .IKOMIDI ICOMMITTEE ON THE RIGHTS OF THE CHILD.LELI KOMIDI LIXHUMANA NOHULUMENI NGOKUTHI BANGENZANI UKUTHUTHUKISA IZINGA LOKHU PHATHWA KWEZINGANE .LELI KOMIDI LIPHINDE LILALELE IZIKHALO EZIVELA EZINGANENI UMA ISIMO SIBUCAYI ,UKUZE BEZE NESIXAZULULO .NOMA NGUBANI - IKAKHULUKAZI IZINGANE - EZIZIWA ZINGAPHATHEKILE KAHLE EMAZENI AZO ,ZINGAXHUMANA NGQO NALELI KOMIDI UKUVEZA IMICABANGO YAZO.

**UMA SONKE SAZI AMALUNGELO ETHU,SINGAKWAZI UKUTHI SIVIKELE AMALUNGELO ABANYE KANGCONO!**



# Imidlinzo kaNeha

OHAMBENI, NAKUZINTO ENGIZIBONILE, KANTI FUTHI NGENGIKUFUNDILE, NEZAZI ENGIKHULUME NAZO SENGIQONDA KABANZI NGESIMO SOKUNTULA UBUZWE. KUNINGI ESENGIKUFUNDILE FUTHI KUYADIDA,YINGAKHO NGINQUME UKUKUBHALA PHANSI NGENDLELA EZONIKA UMQONDO KIMINA. NAKHU-KE.NGIYATHEMBA UKUTHI NAKUWE KUZOKWENZA UMQONDO!



**Wonke umuntu unelungelo lobuzwe. Akukhathalekanga ukuthi ungubani!**

*Amazwe angashaya imithetho abantu abangathola ngayo ubuzwe. Le mithetho incike ekutheni ngubani oxhumene kakhulu nalelo lizwe ngoba…*

- Bazalelwa lapho
- Abazali bangabokudabuka lapho
- Bahlala futhi basebenza lapho
- Bashadile noma banikwa ubuzwe

*Amanye amazwe anemithetho engalungile, noma awakwazi ukuyisebenzisa ngendlela eyiyo.Manje…*

- Abantu okumele banikezwe ubuzwe ababutholi .
- Abantu abathola ubuzwe abanabo ubufakazi bokuthi banabo
- Abantu abathole ubuzwe kumele bungalahleki

ABANTU ABANGENA BUZWE BANTUL'UBUZWE. BANCISHWE ILUNGELO LOBUZWE. BONKE ABANTU BANAMALUNGELO. LABO ABALAHLEKELWE ILUNGELO LOBUZWE BABO AKUMELE BAL-AHLEKELWE AMANYE AMALUNGELO ABO.

KODWA AMANYE AMAZWE APHATHA KABI ABANTU ABANTUL'UBUZWE. BAYABANDLULULA FUTHI BABAPHUCA AMALUNGELO ABO.



- Izingane zikaRosa azikwazanga ukuya esikoleni
- Izingane zikaKezia azikwazanga ukuya esibhedlela
- URiki no--Aasif kwakumele basebenze njengabantu abadala
- Ubaba ka-Aasif waboshwa wacishe wathunyelwa kwelinye izwe
- UDahili akakwazanga ukudlala ibhola phesheya
- Isizwana samaRohingya sasihlukunyezwa

YINGAKHO KUBALULEKILE:

- ukulwela amalungelo awo wonke umuntu obuzwe
- ukuvikela amalungelo abantu abantula ubuzwe.



IZINTO ESINGAZENZA:



- ukuqinisekisa ukuthi yonke ingane ithola isitifiketi sokuzalwa
- okwenza isiqiniseko sokuthi amazwe ayasivikela isimo sabantula ubuzwe
- ukulwa nemithetho ecwasayo – ikakhulukazi izizwana ezincane, abesifazane nabantu abakhubazekile.
- Ukubhikisha uma izwe lizama ukuthatha ilungelo lobuzwe lomuntu
- Ukwamukela nokuvikela ababaleki

# SIYAKUBONA

UGREG CONSTANTINE UMTHWEBULI WEZITHOMBE OWAZIWAYO OSETHWEBULE, EZINGAMAKHULUKHULU IZITHOMBE ZEZINGANE EZINTULA UBUZWE EMHLABENI JIKELELE. NGABA NENHLANHLA YOKUMAZI NGENXA YOMSEBENZI ENGIWENZAYO.USANDA KUNGITSHELA IMICABANGO MAYELANA NESIMO SOBANTULA UBUZWE LOKHO KUNGENZE NGACABANGA ABANGANI BAMI UGRACE NO MALIK. KUNGENZE NGABA NOGQOZI LOKUTHI NGENZE IZINTO NGENDLELA EQONDILE.NAKHO UGREG AKUSHO:





Ngikhumbula uhambo lwami lwase Cote d'Ivoire. Kwakusekuqaleni konyaka u-2010. Ngahamba izindawo kuleli yalizwe elihle, ngihlangana nabantu abaningi ababentula ubuzwe bezabalaza mihla namalanga. Abaningi babezalelwe eCote d'Ivoire kodwa babengathathwa njengezakhamuzi. Ngenxa yalokho babengenawo amaphepha obuzwe, lesi simo senza kwabanzima ukuthi baqhubeke nezimpilo zabo ukuthola umsebenzi,imfundo ,bazithola sebengondingasithebeni ezweni ababelibiza ngelabo.Ngase- kupheleni kohambo lwami eCote d'Ivoire, ngavakashela indawo yezintandane enhlokodolobha e-Abidjan. Le ndawo yezintandane yayiyikhaya ezinganeni eziningi ezazilahlwe abazali ekuzalweni kwazo. Ezinye kwakungenxa yokuthi abazali bashona.Abanye bashiywa abazali ngoba bekhubazekile.

Ngaleso sikhathi, imithetho yase Cote d'Ivoire yayingavumeli ukunika imvume yokuba isakhamuzi ezinganeni" ezazingondingasithebeni' futhi ezizongakwazi ukuveza ukuthi abazali bazo kwakungo bani. Ngaleyo ndlela, ingane iyohlala impilo yayo ingenabuzwe. Enye yalezi zingane yayineminyaka eyishumi nanye. Yayingenabo ubuzwe ihlala endaweni yezintandane.

Ngiyakhumbula ngikhuluma nayo isikhashana lapho sengimthwebula isithombe, wakhuluma okuthize eqondise kimi ngesiFrench. Angisikhulumi futhi angisizwa isiFrench. Ngaphambi kokuthi lo owayengisiza ngokuhumusha angitshele ukuthi umfana omncane wayethini, Ngangicabanga ukuthi uzosho okuthize mayelana nokumthatha kwami isithombe. Kepha, lo owayengisiza ukuhumusha wangitshela ukuthi umfana uthe…

***"Uyangibona"***

Kwakungumzuzu obalulekile lowo. Engingeke ngaze ngawukhohlwa. Kungani? Ngoba esikhathini esiningi, izingane ziba yizisulu zokuntula ubuzwe zingabonisi. Eqinisweni izingane zizithola zisilela ezintweni eziningi ngenxa yokungabi nabo ubuzwe, zibhekana nekusasa elimfiliba amakhono abo acindezelwe. Abantu okukade babamba iqhaza elibonakalayo emphakathini. Izingane kumele zithembele kwezinye ukuze imibono yazo izozwakala. Ezinye zezingane ezikwaziyo ukuya esikoleni zijabulela ukufunda ziphinde zithokoziswe izinto ezibajabulisayo ezizizuzayo ngokufunda. Ezinye izingane nazo ezinamaphupho kodwa zihlala, imihla namalanga zinethuba lokufezekisa lawo maphupho. Ezinye izingane,noma ngabe kuphi nomhlaba,zikholelwa ekutheni "Zonke izingane kumele zibe nezitifiketi zokuzalwa.Zonke izingane zinelungelo lokuba izakhamuzi. Zonke izingane kumele zibe nekusasa."

***Siyakubona!***

# Incwadi Yengane Entula Ubuzwe



EMVA KOHAMBO OLUMANGALISAYO, NGIHLANGANE NABESIFAZANE ABATHATHU ABAZINIKELE NGEMPILO YABO YONKE UKUSIZA ABANTU, UKUTHI BAQONDE UMLANDO KANYE NOKUSETSHENZISWA KOMTHETHO NGENDLELA EFANELE. UDABA LWAMI LWABAJABULISA, FUTHI BANINGI ABABENGIGQUGQUZELA UKUTHI NGILWELE UBULUNGISWA. BASHO NOKUSHO UKUTHI NGINESIBINDI. FUTHI NGENZA UMSEBENZI ONCOMEKAYO, BATHEMBISA NOKUTHI BAZOKWENZA KONKE OKUSEMANDLENI ABO UKUQHUBEKA NOMSEBENZI. BASE BEBA NOMCABANGO WOKUTHI UNGAZIZWA SENGATHI UWEDWA FUTHI UCINDIZELEKILE,UMA UNTULA UBUZWE IKAKHULUKAZI UMA KUKHONA ABANYE ABANTU NGAPHANDLE ABALWELA IZINGUQUKO.YINGAKHO-KE , BANQUMA UKUBHALA LE NCWADI NGEZINGANE EZINTULA UBUZWE.

Mngani wami othandekayo

Sibhala le ncwadi ngoba sazi ukuthi ungomunye wezingane eziningi emhlabeni ezintula ubuzwe. Ngoba ungenabo ubuzwe, umhlaba awukuphathanga kahle. Lokhu akusilona iphutha lakho, kumbe labazali bakho. Wonke umuntu uyalingana kanti kumele aphathwe kanjalo. Siyakholelwa kulokho futhi sichithe iminyaka eminingi sisebenzela ukuthi abantu kumele baphathwe ngokulinganayo.

Lesi simo okuso, njengo-Elsa's, oneminyaka eyisishiyagalombili owazalelwa eDominican Republic. Umama wakhe wazalelwa eHaiti kodwa usehlale eDominican Republic iminyaka eminingi; ugogo wakhe uyisakhamuzi sase Dominican Republic. Kodwa u-Elsa akathathwa njengomuntu wokudabuka eDominican. Uyokwazi ukuya esikoleni mhla waba nemnyaka eyishumi. Emva kwalokho kufuneka athole amaphepha amdalulayo ukuthi ungubani.

U-Ivan, ungowokuzalwa eKosovo, obazali bakhe badabuka emazweni ahlukene, umama wakhe owase Croatia, ubaba wakhe owase Serbia amaphepha abo obuzwe alahleka ngesikhathi sempi. Ngesikhathi u-Ivan exinwe ukugula, isibhedlela sanqaba ukumsiza ngoba wayengenawo umazisi.

USubina, owazalelwa eNepal. umama wakhe wayengashadanga. eNepal, kubanzima kowesifazane ongashadanga ukudlulisela ubuzwe enganeni yakhe. uSubina wasitshela: "Mihla yonke bengizibona ngifana nabangani bami kuze kube kwabalanga limbe lapho kwakumele ngigcwalise amafomu e-School Leaving Certificate's board exam... amafomu abangani bami bonke amukelwa .Kodwa elami lutho."

Njengazo zonke izingane ezenziwe ukuthi zintule ubuzwe ngenxa yezizathu eziningi.

Khumbula ukuthi, uhlukile kunabanye futhi ungowekhethelo. Udaba lwakho lungolwakho. Uyikusasa lomhlaba, ngelinye ilanga uyokwazi ukwenza izinto ezinkulu ikakhulukazi uma unikwa ithuba lokuveza ubuhlakani bakho. Uyazibuza ukuthi ngabe umhlaba ukukhathelele. Kumele ulinde isikhathi esingakanani kanti? Kumele wenzeni ukuze umhlaba uqonde isimo okuso?

Sikholelwa ekutheni uhlinzelwe ezibini. Akukuhle ukuthi uphathwe ngale ndlela. Wonke umuntu unelungelo lokuba nobuzwe nokuthi azizwe eyingxenye yezwe. Lokho kuchaza ukuthi wonke umfana nentombazane kumele babe nomazisi, Kanye nezitifiketi zokuzalwa. Zonke izingane zinalo leli lungelo noma bangobani, noma bahlala kuphi, (kumbe abazali babo benzani ), noma abanabazali, bakhuluma luphi ulimi, ukuthi inkolo yabo iyiphi, bangabafana noma amantombazane, isiko labo iliphi, bakhubazekile, noma bahlwempu, kumbe bayizicebi leli lungelo layo yonke ingane elishicilelwe kusomqulu i-Universal Declaration of Human Rights, ne-Convention on the Rights of the Child.

Ukuze lokho kwenzeke – ukuthola ukulingana – yimpi okumele iliwe zikhathi zonke, ngabantu bonke.

Omunye wogogo bethu walahlekelwa ilungelo lokuba isakhamuzi ngesikhathi eshada owesilisa owayesuka kwelinye izwe. Omunye wogogo bethu wantula ubuzwe ngoba uhulumeni wezwe labo wawungawabheki amaJuda njengezakhamuzi. Abanye ababe ngabazali bethu bathatha ababaleki babafana bahamba nabo e-Europe. Laba bafana babaleka ezweni labo ngoba umphathi wezwe wayeyindlovukayiphikiswa. Singabangani sobathathu sinabangani abalahlekelwa amalungelo okuba izakhamuzi basatshiswa ngokuntula ubuzwe.

Uma unamalungelo kumele ukwazi ukuthi uwathokozele sifuna wazi ukuthi kunabantu abenza konke okusemandleni abo ukuzama ukuvimba ukuntula ubuzwe nokutshintsha isimo salaba abafana nawe aba kulesi simo sokuntula ubuzwe.

Kuyahlukumeza ikakhulukazi kuwe,ukuthi bayingcosana abafana nathi. Inqubekela phambili siyayibona ngabantu abaningi bebamba iqhaza nokuqonda kabanzi mayelana nokuthi kungani izingane zintula ubuzwe nokuthi kuyini ukungabi nabo ubuzwe. I-United Nations inxenxa amazwe ukuba ashintshe imithetho yawo,amanye aseqalile ukwenza njalo. Abasubathi abayishumi phakathi kwabo kukhona ababaleki nabantula ubuzwe bahola umshungu wokuvula ama- 2016 Olympic Games eRio de Janeiro, bendiziza ifulege lamaOlympic, beviliyela ngeculo lama Olympic, bathola ihlombe elaliqhamuka kuzibukeli enkundleni zijabulela ikhono nesibindi sabo.

Sikweledwa abaningi benu abebhekhene nalesi simo ngoqqozi. Siyathembisa ukuqhubeka nokunisebenzela, nokugqugquzela abanye ukuthi benze njalo.

uRachel Brett, noStefanie Grant, kanye noLinda K Kerber



# Ikusasa likaNeha



Umngani wami engifunda naye ekilasini wahlongoza ukuthi siyongcebeleka ngolwesiHlanu ukubungaza ukuphela kwezivivinyo. Ngabuza umama ukuthi wayecabanga ukuthi ngangingenzani. Umama waphendula wathi. *"iShamburak"* "Ngibone izeluleko zokupheka ezimnandi kuYouTube ezinsukwini ngifuna ukuyizama, ngizokusiza **Nanu.**" Umama uyichaza ishamburak kimi njengenhlama okufakwe ngaphakathi kuyo inyama ephekiwe, izithako ezithize nezinongo. Ngokushesha ngezwa imizwa emzimbeni wami yehla ngomgogodla kuyofika emilenzeni. Kumele ngihlale phansi. Ngizwa iphunga elimnandi lezinongo liqhamuka endlini kaSima'. "Mama, ngabe lawo ama Syrian Kurdish snack?" "Yebo Nanu"ephendula.

Le minyaka embalwa edlulile ihambe ngokushesha. Abangani bami, uGrace,uSima, uRiki noLucas nabanye abaningi,benze okuningi ukuqwashisa abantu ngobuzwe nokuntul' ubuzwe. Senze nabangani abaningi. Siyabhalelana futhi sazane kahle ngenxa yami. Lokudla okuthaphuka iphunga elimnandi sikhuthathe kwabeka isimo senqqondo yami kwesinye isimo esingihlaba umxhwele esaqala yonke into.

IGAMA UNANU LICHAZA INTOMBAZANYANA ENCANE ENEPALI

Kulezi zinsuku samukele ongowokudabuka eNapal! Beku yimpi ende. Umama wami ubechitha isikhathi efunda ngamacala afana ncimishi naleli awayisa enkantolo enkulu yaseKathmandu. Besibhikisha njalo ngoweziHlanu ngaphandle kwamabhilidi kahulumeni. Ngaze ngabhala nenkondlo emayelana nokuntul' ubuzwe, phambi kwezihlwele zabantu **eDurbar Square**.

IDURBAR SQUARE ,INDAWO ENHLE FUTHI ENOMLANDO OMUHLE ESQUARE KATHMANDU.

Abantu abavela emazweni ahlukene babesivakashela endlini yethu basibuze ngempilo yethu. Mhlawumbe siye enkantolo enkulu kane noma kahlanu. Kwesinye isikhathi amacala ayehlehliswa kumbe abambazeleke.

Kukho konke lokhu, ngazizwa; ngivalelekile ebhokisini, ngingakwazi ukunyakaza ukwenza nokukhuluma njengomuntu, kodwa kukhona into eyayingibamba engangingayiboni eyayivimba ukuthi ngibe yimi .

U-Anti kaSushma, ongummeli wayemangaza. Wayekubeka ngembaba ukuthi imithetho yokuba isakhamuzi eNepal yayingahambisani nomthethosisekelo othi bonke abantu besilisa nabesifazane kumele balingane. Sagcina silitholile ilungelo lobuzwe. Angisoze ngalikhohlwa lolo suku mhla sithola lezo zindaba ;Ngangigcwele; intokozo ngifisa sengathi lo muzwa enganginawo wawuthelelana njengegciwane ukuze ubhebhetheke ungene kuwona wonke umuntu.

Izivivinyo engazibhalayo bengizisaba kakhulu usisi wami akakwazanga ukuzibhala. Ngikwaze ukuzibhala lezi zivivinyo ngoba nginobuzwe. Nakuba lezi zivivinyo zingemnandi kodwa,ukukhathazeka okuningi kusukile.

Manje nginobuzwe. Akekho ongangephuca lokho. Ngiyaye ngicabange abangani bami abakhona emhlabeni jikelele . Nginentshisekelo,enkulu yokubabona. Ngibonge abakwenzile. Ngifisa futhi ukubatshela ukuthi

ngiyaqhubeka njalo nokubalwela nalabo abangenabo ubuzwe.

Ngitshela umama ukuthi ngiyabuya,ngiya egumbini engilala kulo.

Ngaphansi kombhede nangemuva kwawo ngithatha ibhokisi lezicathulo. Phakathi kuleli bhokisi lezi zicathulo ngaphansi kwezincwadi,kunezithombe kanye nebhukwana lokubhalela kune sikhwama sikaLucas semali eyisiliva.

Ngifaka isandla.Ngaphandle kokubuka , ngitomule eyodwa. Ngayibamba ngayiqinisa ngasho engangikufisa ngenhliziyo.

Uma ngivula amehlo ngisegumbini lami lokulala.

Ngililahle phansi isiliva ngiqale ngithathe ngiphinde ngithathe elinye.

Akwenzeki lutho.

Bese kufika kimi.

Angisalidingi isiliva.

Ngilapho okumela ngibe khona.

Ngiyaqonda.

Ngiyalingana nabanye.

Le ncwadi ihlelwe isikhungo i- Institute on Statelessness and Inclusion (the Institute), inhlangano ezimele ezibophezele ekufezekiseni amalungelo obuzwe awo wonke umuntu. Ezinye izinto esigxile kuzo udaba lwezingane ezintula ubuzwe, okunomthelela kuzigidi zezingane emhlabeni jikelele. Le ncwadi,nenye iwebsite KIDS. WORLDSSTATELESS. ORG, ihlose ukufaka isandla ekuqwashiseni izingane nabadala bonkana, ngalesisici esibeka ingcindezi engadingeki ezinganeni eziningi .



# Funda, Cabanga, Yenza, Khankasa, Dlala. Yiba nokudala okuhle futhi uqwashise!



MANJE SEWAZI OKUNINGI NGOKUNTULA UBUZWE.

MHLAWUMBE SEWAZI KABANZI NGOKUNTULA UBUZWE UKUDLULA ABANYE ABANTU EMHLABENI! LOKHO KUKWENZA ISAZI! NGIYATHEMBA UKUTHI UZOSISIZA UKUTSHELA ABANTU ABANINGI NGOBUZWE NANGOKUNTULA UBUZWE, NOKUTHI ISIMO ESINGANABULUNGISWA ESINGALUNGILE UKUTHI EZINYE IZINGANE ZINTULA UBUZWE. KUNINGI ONGAKWENZA!

Ukuthola imininingwane ngezinto ongazenza ukuqwashisha abantu mayelana nokuntula ubuzwe nokuba umuntu olwela uguquko nezinye izinsiza ezinga siza ekufundiseni ngokuntula ubuzwe, sebenzisa le website: **www. kids.worldsstateless.org**

**Lezi ezinye zezibonelo zezinto ongazenza.**

Zama izinto ezahlukene. Thola ukuthi yini ekusebenzelayo. Ungakwazi kanjani futhi ukhone ukuxhumana nemizwa engaphakathi kuwe? Sebenzisa ikhono lakho ukuqwashisa abantu mayelana nokungabinamthetho kanye nobuzwe. Fundisa abanye okufundile. Benze baheheke. Sisonke singenza umehluko!

Funda kabanzi ngesimo sokuntula ubuzwe ezweni lakho. Thola ukuthi kukhona abantu abantula ubuzwe. Funda ngomlando wabo, Kwenzakalani nokuthi benzani ngalokho.

Yiba ingqwele yokugqugquzela imikhankaso yokubuza nokwazisa abantu abaningi ngokuntula ubuzwe.! Khuluma nothisha wakho nozakwenu ekilasini..

Bhala incwadi ubhalele umhleli wephephandaba langakini, iMagazini yesikole noma osopolitiki. Umtshele ukuthi kuyini ukuntula ubuzwe nokuthi bangasiza kanjani ukulwa nalokho.

Yenza ividiyo emfishane mayelana nokuntul'ubuzwe nokuthi kungenziwani ngakho. Yithumele kubangani nasemndenini ngezinkundla zokuxhumana! Khumbula ngaso sonke isikhathi ukuhlala uphephile ezinkundleni zokuxhumana

Yenza uqwembe ekhaya lakho noma ekilasini mayelana nemithetho yobuzwe ezweni lakho. Ilungelo layo yonke ingane ukuthi ibe nobuzwe noma amalungelo ezingane ezintula ubuzwe.

Qhamuka nesiqubulo sokukhankasa nokukhalaza. "Wonke umuntu kumele abe nobuzwe" noma "ubuzwe bawo wonke umuntu". Ungacabanga ezinye?

Dweba isithombe mayelana nokuntula ubuzwe.Sebenzisa isithombe ukukunika ugqozi okanye imicabango yakho. Mhlawumbe ungangenela umncintiswano wezobuciko, okanye umbukiso esikoleni!

Uma uzizwa unekhono, bhala inkondlo noma indaba emfishane kumbe umdlalo weshashalazi noma iculo . Ungayenza esikoleni sakho, noma phambi kwabangani bakho noma umndeni.

# Ukubonga

Le ncwadi yabhalwa u- Amal de Chickera noDeirdre Brennan, ngosizo lomshiceleli wase Laura van Waas no -Ileen Verbeek. Yakhangiswa ngu Dian Pu yahlelwa ngu Deshan Tennekoon. Sibonga kakhulu izingane zase SOS Villages Aboisso ne- UNHCR Cote d'Ivoire ngemvume kokuthi sisebenzise imidwebo yabo (ekhasini 4, 25, 26 & 55) Kanye noKanchini Chandrasiri ngemidwebo yakhe (ekhasini 77).Sibonga futhi abathwebuli bezithombe ngomusa wabo sakwazi ukuthi sisebenzise izithombe: Greg Constantine (ekhasini17, 23, 52, 53, 55, 59 & 75), Saiful Huq Omi (ekashini 31, 56 & 57), Allison Petrozziello no-OBMICA (ekhasini 21), Subin Mulmi noFWLD (ekhasini 42), Deepti Gurung (ekhasini 83), IKenya Human Rights Commission (ekhasini 39), Laura Quintana Soms (ekhasini 20) noHelen Brunt (ekhasini 33).Sidlulisa ukubonga ku- Anne noGeoff Hayward, Piyumi Samaraweera noJarlath Clifford ngokufundisisa le ncwadi.

Ngaphambi kokubhala le ncwadi, sabuza izingane eziningi emhlabeni wonke jikelele ukuba ziphendule uhlu lwemibuzo mayelana nobuzwe nokuntula ubuzwe. Izimpendulo ezinhle sazithola ezinganeni ezevile emakhulwini amabili ziqhamuka emazweni ahlukahlukene esibala kuwo iPakistan, iNetherlands, iSerbia, iSri Lanka, i-UK, i-USA, iThailand Kanye ne-Ireland zasiza kakhulu. Sibabonga bonke, nozakwethu nabangani abavela emhlabeni wonkana abakwazile ukusiqoqela lezi zimpendulo.

Izingane ezine ezaphendula lohlu lwemibuzo ziyingxenye yencwadi: uLucas noLinde (abaseNetherlands) kanti uKithmi noKenolee (baseSri Lanka), kodwa ziningi nezinye izimpendulo ezihlaba umxhele!

Le ncwadi isuselwe ezintweni abantu abazibonile zangempela. Ingqikithi yayo isocwaningweni olwenziwe yithi nozakwethu, Kanye nocwaningo obeselushicilelwe. Sibonga kakhulu kuwo wonke umuntu ositshele udaba lwakhe , nalabo ocwaningo lwabo lusisizile ukubhala le ncwadi:

❁ Umlingiswa onguKezia isizinda sakhe siseMacedonia sisuselwa kucwaningo olwenziwe yi- Institute European Roma Rights Centre, ne-European Network on Statelessness nozakwabo bezinhlangano ku Roma statelessness in the Western Balkans, eyashicilelwa ngo October 2017 *(bheka i- http://www.errc.org/cms/upload/file/ roma-belong.pdf ).*

❁ Umlingiswa onguRosa Dominican ususelwa kudocumentary film i- 'Our lives in Transit', published by Minority Rights Group International ngo -April 2017 *(bheka i- https:// www.youtube.com/watch?v=DAqGuj8AT1U).*

❁ UGrace nezinye izingane eCote d'Ivoire basuselwa endabeni eyashicelewa yi UNHCR ngo November 2015 *(bheka i- http://kora.unhcr.org/lost-children-cote-divoire/).*

❁ Indaba ka-Aasif, uRiki nezingane zikaBajau Laut isuselwa kuHelen Brunt's piece 'Stateless at Sea',ishicilelwe Institute's 2017 World's Stateless Report *(bheka i-http://www. institutesi.org/worldsstateless17.pdf).*

❁ Indaba kaSima eGermany isuselwa kumbiko nge 'The Stateless Syrians' by Zahra Albarazi in 2013 *(bheka-i http://www.refworld.org/pdfid/52a983124.pdf)*, Kanye nenhlolokokhono eyenziwa ngo 2016 nezingane ezintul`ubuzwe zase Syria , ufayela ibambisene ne Institute.

❁ Indaba yoMakonde isuselwa kudocumentary film yango July 2017 'The Journey of the Makonde to Citizenship' yiKenya Human Rights Commission *(nheka i- https://www. youtube.com/watch?v=-PG8chfAX_U).*

❁ Udaba lwase Nepal lususelwa kumsebenzi owenziwe iForum for Women and Development Kanye nokuxoxisana okunzulu neDeepti Gurung nomndeni wakhe.

❁ Imibuzo mayelana nezingane ezintul`buzwe yaphonswa okokuqala ku - UN High Commissioner for Refugees naku NGOs ngo- 2016 UNHCR-NGO Consultations in Geneva. *(bheka ku- Amal de Chickera, 'Being Accountable to Stateless Children and Youth' http://www.institutesi.org/worldsstateless17.pdf).*

❁ Lo mucu 'We See You' wabhalwa ngu Greg Constantine. Enye incwadi enguzakwabo yale yashicilelwa yi- Institute's 2017 World's Stateless Report *(bheka i http:// www.institutesi. org/worldsstateless17.pdf).*

❁ Incwadi 'iLetter to a Stateless Child' ibhalwe nguLinda Kerber, uRachel Brett no Stefanie Grant, bonke abe Trustees of the Institute.

Ukubonga kwethu sikudlulisela kuwona wonke umuntu othole uhlaka lokuqala lwalencwadi futhi wafaka izeluleko eziphusile,izincomo Kanye nokukhuthazwa ohambeni lokuhlanganisa le ncwadi. KuTony Daly noCiara Regan of 80:20 Educating and Acting for a Better World ngokusisekela,UKarl Ó Broin, Uthishomkhulu uMaeve Tierney nabasebenzi base St Cronan's BNS, Bray, Ireland; Samantha Pyper nomfundi wakhe u- Emily Antscherl we- Al Yasmina Academy Abu Dhabi;naku Nkosazana L. Browning, uthishanhloko weNorbury Primary School Harrow, I- UK; Ruwanthie de Chickera of Stages Theatre Group, Sri Lanka; Kerry Neal of UNICEF noJo Holmwood nasebenza nabo eKids Own Publishing.

Sifuna ukubonga futhi abaxhasi bethu abenze ukuthi le ncwadi iphumelele: ISigrid Rausing Trust, iJanivo Stichting, iStichting Weeshuis der Doopsgezinden Kanye ne- Oak Foundation.

Ukuhunyushwa kwale ncwadi ngesizulu kwenzeke kwaba impumelelo ngenxa yomnikelo wezezimali we '' Verening ne-Onderlinge Samenwerkeng",ukuzibophezela kwama-Lawyers of Human Rights Kanye nabasebenzi ikakhulukazi uThandeka Chauke weStatelessnesss Project Head) futhi yahunyushwa nguBongiwe Ntinugwa.

Okokugcina nokubalulekile,sithanda ukubonga uNeha,usisi wakhe uNikita,umama wabo uDeepti nomlingane wakhe uDiwakar. UNeha,ngokuba umuntu ophambili kule ncwadi futhi oyinqola yokudlulisa indlela izinto ezenzeka ngayo kule ndaba. Kumindeni emangazayo ngokuzinikela nokuzibophezela ekulweni nokucwasa ngobulili mayelana nemithetho yobuzwe nokuntul'ubuzwe eNepal. Niyinkuthazo kithi sonke.






Amnesty International, *10 Best Human Rights Videos* (compilation), available at: https://www.amnesty.org/en/latest/education/2015/05/10-best-human-rights-videos/

Amnesty International, *Resources for early years and primary schools*, available at: https://www.amnesty.org.uk/primary-schools-education-resources

European Network on Statelessness, *#StatelessKids campaign video*, available at: https://www.youtube.com/watch?v=VvUMZanVToA

Greg Constantine, *About Statelessness*, available at: http://www.aboutstatelessness.com/

Institute on Statelessness and Inclusion, *The World's Stateless: Children* (2017), available at: http://worldsstateless.org/

Lawyers for Human Rights and the Institute on Statelessness and Inclusion, *Childhood Statelessness in South Africa* (2016), available at: http://lhr.org.za/sites/lhr.org.za/files/childhood_statelessness_in_south_africa.pdf

UNICEF UK, *Little Book of Rights and Responsibilities*, available at: https://www.unicef.org/rightsite/files/little_book_rights.pdf

UNHCR, *#IBelong – Ending Statelessness by 2024*, YouTube video playlist, available at: https://www.youtube.com/watch?v=WBdvCsw1Syc&index=1&list=PLtPw-Y91GlmVCipdhJgNZ4fTogqradSIj

And remember, visit the site **www.kids.worldsstateless.org**!

## Unabo ubuzwe?

## Ngabe Untula Ubuzwe?

## Kumele wenzeni ngaloko?

Hlanganyela noNeha njengoba ehamba umhlaba wonke ku-adventure emangalisayo yokuzithola evakashela amazwe amasha, enza abangani abasha, efunda ngokungabi namuntu kuso sonke leso sikhathi, ehlanganisa izingcezu zephazili mayelana nobuzwe bakhe.

Le ncwadi eyisimanga ibheka izinto zanamuhla ezihlabahlosile namalungelo anzima okutholakala ngendlela ecacisayo nenomfutho. Inikeza othisha ithuluzi elinamandla ukunikeza intsha amandla okukhuluma futhi nokunikeza intsha ukuthi iqonde kabanzi ukuthi amalungelo anqala angathathwa kanjani kuzigidi zabantu namuhla.

*UJacqueline Bhabha, Professor kuPractice of Health and Human Rights, eHarvard University*

'Injabulo– nemfundiso – yokuqalisa ngokuqwashisa ezinganeni ngokuntul'ubuzwe, Uhambo lukaNeha luveza ngokusobala imizabalazo yokuntula ubuzwe izingane nemindeni yazo ebhekana naye. Le ncwadi isiza kakhulu izingane ukuba zifunde ngamalungelo azo nokuthi zingasiza kanjani.

*Kerry L. Neal, Uchwepheshe ekuvikeleni Izingane , UNICEF*

**I-Institute on Statelessness and Inclusion iyinhlangano ezimele futhi ekuqapheleni nasekuvikeleni amalungelo wobuzwe bawo wonke umuntu.**
**Ukuze ufunde kabanzi ngalesi sikhungo vakashela kule website www.InstituteSI.org**
**Ngemininingwane eminingi Kanye nemisebenzi yokuntul'ubuzwe, vakashela I KIDS.WORLDSSTATELESS.ORG**

Institute on Statelessness and Inclusion

ISBN: 978-90-828366-0-8

978-90-828366-0-8

£ 10.00
€ 12.50
$ 15.00